

PIETERMARITZBURG QUARRY

UHLELO
OLULUNGISIWE
LWEZENHLALO
NABASEBENZI

KZN 30/5/1/2/2/205

2023 KUYA 2027

LUTHUNYELWE: 11 MARCH 2025

ISIFINYEZO SOKUPHATHA



Uhlelo Lwezenhlalo Nezabasebenzi (phecelezi i- *Social Labour Plan* - SLP) luhlanganiswe njengesibophezelo ekufakeni isandla ekuthuthukisweni komnotho-nokuphila kwabantu baseNingizimu Afrika, ngokugxila okukhethekile kwezenhlalo nomnotho okunomthelela ekusebenzeni ezindaweni ezizungezile. I-SLP iphinde inikeze ithuba lokuthuthukisa abasebenzi abebekhokene nencindezi ngokomlando kanye nokuhlomisa amalungu omphakathi ozungezile ngezinhlelo zokuqeqesha ezahlukahlukene.

Lolu hlelo lwenziwe ngokulandela iMithetho ye-MPRDA Isigaba 46 (a-f) nesoMthetho we-MPRDA.

Ngokuhambisana neSivumelwano sezoKumbiwa Phansi (iziMayini), le SLP izogxila kulokhu:

- Ukuthuthukiswa kwezaBasebenzi,
- Ubulungisa kwezeMisebenzi,
- Ukuthengwa kweZimpahla,
- Izindlu, ukuThuthukiswa koMnotho weNdawo,
- Ukuphathwa koKwehliswa kwaBasebenzi nokuXoshwa eMsebenzini.



Uhlu Lokuqukethwe

ISIFINYEZO SOKUPHATHA	2
Izifinyezo zamagama	8
Uhlu lwamagama a	9
1 UMTHEHO 46 (A)	10
1.1 Isakhiwo sabanini bamasheya	11
1. Ukusebenza kwenkampani	11
2 UMTHEHO 46 (B) (I)	15
2.1 Isingeniso	15
2.2 Isu nezinhloso	17
2.3 Isimo samanje	17
2.3.1 Indlela yokwenza nezenzo	20
2.4 Uhlelo lokufunda	20
2.4.1 Isimo samanje	20
2.4.2 Indlela yokwenza nezenzo	222
2.5 Ukuqeqeshwa ngokwamakhono aphanthekayo	
Error! Bookmark not defined.3	
2.5.1 Isimo samanje	23
2.5.2 Indlela yokwenza nezenzo	23
2.6 Infundo yabantu abadala nokuqeqeshwa	24
2.6.1 Isimo samanje	24
2.6.2 Indlela yokwenza nezenzo ngokwe-AET	25
2.7 Ukubhaliswa kwe-SETA: Igunya leziqu zezimayini	25
3 UMTHEHO 46 (B) (I) (AA)	27
4 UMTHEHO 46 (B) (I) (BB)	29
5 UMTHEHO 46 (B) (II)	31
5.1 Isingeniso	31
5.2 Imikhakha ngokomsebenzi	31
5.3 Isu nezinhloso	33
5.4 Uhlelo lokuthuthukisa imisebenzi	33
5.4.1 Okucatshangwayo	33
5.5 Ukuphathwa kwamakhono	34
6 UMTHEHO 46 (B) (III)	36
6.1 Isingeniso	36
6.2 Ukuqondisa nokufundisa	36
6.2.1 Isimo samanje	36
6.2.2 Isu nezinhloso	36
6.2.3 Indlela yokwenza nezenzo	38
7 UMTHEHO 46 (B) (IV)	39
7.1 Isingeniso	39
7.2 Imifundaze	39

7.2.1	Isimo samamanje	39
	Bookmark not defined.	Error!
7.2.2	Indlela yokwenza nezenzo	40
7.2.3	Ukuhlanganiswa kwezimali zemifundaze	41
7.3	Imfundaze yangaphakathi kwinkampani	41
7.3.1	Isimo samanje	41
7.4	Ukufunda ngokuqeqeshwa	42
7.4.1	Isimo samanje	42
7.4.2	Indlela yokwenza nezenzo	43
7.5	Onjiniyela abasaqeqeshwa	43
7.5.1	Isimo samanje	43
7.5.2	Indlela yokwenza nezenzo	44
8	UMTHETHO 46 (B) (V)	45
9	UMTHETHO 46 (B) (V)	47
9.1	Isingeniso	47
9.2	Isimo samanje	47
9.3	Isu nezinhloso	48
9.4	Indlela yokwenza nezenzo	48
10	UMTHETHO 46 (B) (V)	53
11.1	Isingeniso	53
11.2	Isimo samanje	53
11.3	Isu nezinhloso	53
11.4	Indlela yokwenza nezenzo	53
11	UMTHETHO 46 (C) (I) AND (II) (A)	56
11.1	Ulwazi oluyisisekelo lwezenhlalo nezomnotho (Umnthetho 46 (c) (i))	56
11.1.1	Ulwazi oluyisisekelo senhlalo nezomnotho lomphakathi wezimayini	56
11.1.2	Izibalo zabantu	57
11.2	Imisebenzi ebalulekile yezomnotho (Umnthetho 46 (c) (ii))	61
11.2.1	Imisebenzi ebalulekile yezomnotho yomphathi wasezimayini	61
11.2.2	Izinkampani zezimayini ezikhona endaweni yokusebenza	65
11.3	Umthelela ongemuhle wokusebenza kwezimayini (Regulation 46 (c)(ii))	65
11.3.1	Ukususwa nokubekwa kwabantu	65
11.3.2	Ukumbiwa kwamathuna	65
11.3.3	Ukuthuthuleka kwabantu ezindaweni zokuhlala ezingekho emthethweni	65
11.4	Imisebenzi yengqalasizinda kanye nokuqeda ubuphofu eyokwenziwa yimayini ngokuhambisana noHlelo Lokuthuthukiswa Oluhlanganisiwe lwezindawo kanye nezinye izinhloso ezifanele lapho imayini isebenza khona kanye nezindawo ezinkulu zokuthumela. Umnthetho 46 (c) iv	65
11.4.1	Ukunikezwa kwezidingo zendawo ngokubaluleka kwazo	65
11.4.2	Izidingo zendawo ngokulandelana kwazo	65
11.4.3	I-AfriSam iyazibophezela ukusiza uMasipala ngokuqaliswa kwale phrojekthi elandelayo - ukuthuthukisa ukufinyelela kumphakathi, ukuhlinzekwa kwezinsizakalo zomphakathi kanye nokusebenzela umphakathi	67

12 UMTHETHO 46 (C) (IV)	69
13 UMTHETHO 46 (C) (V)	70
14 UMTHETHO 46 (C) (VI)	71
14.1 Uhlolajikelele lokuthengwa kwempahla	71
14.2 Ukusebenza komhlinzeki, ubudlelwano kanye nemivuzo	72
14.3 Ukuthengwa kwempahla okunenzuzo	72
14.4 Uhlelo lokuthuthukiswa kwamabhizinisi nabahlinzeki balo	75
15 UMTHETHO 46 (D) (I)	76
16 UMTHETHO 46 (D) (II) AND (III)	77
17 UMTHETHO 46 (D) (III)	79
18 UMTHETHO 46 (D) (IV)	82
19 UMTHETHO 46 (E)	85
20 UMTHETHO 46 (F)	87

Inkomba Yamathebula

Ithebula 1: Izindawo ezithumela abasebenzi.....	14
Ithebula 2: Amazinga emisebenzi aqondene ne-Pietermaritzburg Quarry.....	16
Ithebula 3: Izinga Lobuchwepheshe Nokwenzeka Ngokuthuthukiswa okuqhubekayo – Pietermaritzburg Quarry.....	18
Ithebula 4: Isu lokuqeqesha nezinhlalo – izinto zokwakha.....	19
Ithebula 5: Izinhloso zokuqeqesha - Pietermaritzburg Quarry 2023 - 2027.....	20
Ithebula 6: Izifundo - Pietermaritzburg Quarry	21
Ithebula 7: Izinhloso zokufunda eziqondiwe - Pietermaritzburg Quarry.....	21
Ithebula 8: Ukunikezwa kwezezimali okulinganiselwe - Pietermaritzburg Quarry.....	21
Ithebula 9: 18.2 Izifundo.....	22
Ithebula 10: Isilinganiso sokuhlinzekwa kwezimali kobambiswano lwe-18.2.....	22
Ithebula 11: Amakhono aphahekayo ahlosiwe – Pietermaritzburg Quarry.....	23
Ithebula 12: Ukwakhiwa kokuhlinzekwa kwezezimali kwamakhono aphahekayo.....	23
Ithebula 13: Ukuhlaziya kweminyaka - Pietermaritzburg Quarry.....	24
Ithebula 14 Imigomo ye-AE – Pietermaritzburg Quarry.....	25
Ithebula 15 Inombolo nezinga lemfundo lwabasebenzi be-Pietermaritzburg Quarry ngokweFomu Q.....	27
Ithebula 16: Izikhala ezinzima ukuzigcwalisa ngokweFomu R kusicaphuno II semithetho yeMPRDA.....	30
Ithebula 17: I-Matrix yomsebenzi ovamile - izinto zokwakha	32
Ithebula 18: Uhlelo lokuthuthukiswa komsebenzi: ukuphathwa kwamakhono e-Pietermaritzburg Quarry	35
Ithebula 19: Ukululekwa okuhlosiwe – Pietermaritzburg Quarry	37
Ithebula 20: Ukuhlanganiswa kokululekwa Okuhlosiwe.....	37
Ithebula 21: Okuhlosiwe ngemifundaze - Pietermaritzburg Quarry.....	40
Ithebula 22: Ukuhlinzekwa kwezimali kwezibonelelo iziqu/amaDiploma.....	40
Ithebula 23: Okuhlosiwe ngemifundaze yangaphakathi – Pietermaritzburg Quarry.....	41
Ithebula 24: Ukuhlinzekwa kwezezimali zemifundaze zangaphakathi.....	42
Ithebula 25: Okuhlosiwe ngama-in-service/ ama-internship – Pietermaritzburg Quarry.....	42
Table 26: Ukuhlanganiswa kokunikezwa kwezezimali kwabasebenzi/abaqeqeshwayo.....	43
Ithebula 27: Okuhlosiwe ngoqeqesho lonjiniyela - Pietermaritzburg Quarry.....	43
Ithebula 28: Izibalo zokulingana kwamathuba emisebenzi njengokwefomu S ku-Anexure II yemithetho ye-MPRDA.....	45
Ithebula 29: Izikhundla ezikhona njengamanje ezigcwaliswe abesifazane ePietermaritzburg Quarry.....	47
Ithebula 30: Izikhundla eziyinhloko nezingeyona eyinhloko – Pietermaritzburg Quarry.....	49
Ithebula 31: Okuhlosiwe ngokubamba iqhaza kwabesifazane ezimayini – Pietermaritzburg Quarry.....	51

Ithebula 32: Okuhlosiwe ngokubamba iqhaza kwabesifazane kwezemfundo eziyisisekelo – Pietermaritzburg Quarry.....	52
Ithebula 33: Okuhlosiwe ngokubamba iqhaza kwe-HDSA ekuphathweni - Pietermaritzburg Quarry..	54
Ithebula 34: Umthetho-sisekelo wezimayini 3 okuhlosiwe - 2023 – 2027.....	73
Ithebula 35 Isabelozimali zokuqeqeshwa kwabantu – Pietermaritzburg Quarry.....	85
Ithebula 36 Isabelomali sokuthuthukiswa komnotho wendawo – Pietermaritzburg.....	86
Ithebula 37: Isabelozimali zokuthuthukiswa kwabasebenzi – Pietermaritzburg Quarry.....	86

Inkomba Yezibalo

Isibalo 1 Izindawo ze-aggregate nosimende	12
Isibalo 2 Ibalazwe lendawo yePietermaritzburg Quarry	14
Isibalo 3 Amathuba emisebenzi – Izinto zokwakha	32

Izifinyezo Zamagama

AET	Imfundo yaBantu Abadala noKuweqeqeshwa (i-Adult Education and Training)
BBBEE	Ukunikezwa Kwamandla Kwezomnotho Kwabamnyama Okubanzi (i-Broad-Based Black Economic Empowerment)
BEE	Ukuhlomisa Abamnyama Kwezomnotho (i-Black Economic Empowerment)
BO	Izinkampani Eziphethwe Abamnyama (i-Black Owned)
BWO	Izinkampani Eziphethwe Abesifazane Abamnyama (i-Black Women Owned)
CLAS	Usimende, i-Lime, i-Aggregate neSihlabathi (u-Cement, Lime, Aggregate and Sand)
CSR	Ukuzibophezela Komphakathi (i-Corporate Social Responsibility)
DTI	Umnyango Wezohwebo Nezimboni (i-Department of Trade and Industry)
DMRE	UMnyango Wezokumbiwa Nezamandla (i-Department of Minerals Resources and Energy)
EDR	Ukubuyekwezwa Kokuthuthukiswa Kwabasebenzi (i-Employee Development Review)
EE	Ukulingana Kwemisebenzi/Emsebenzini (i-Employment Equity)
EME	Izinsiza Kusebenza Zomhlaba (i-Earthmoving Equipment)
FEL	Umlayishi Ongaphambili (i-Front-end Loader)
FET	Imfundo Eqhubekayo Nokuqeqeshwa (i-Further Education and Training)
FML	Izinga Lokuqala Lokuphatha (i-First Management Level)
GCC	Isitifiketi SikaHulumeni Sokuthi Unekhono (i-Government Certificate of Competency)
GDP	Umkhqizo Wasekhaya Ophelele (i-Gross Domestic Product)
GET	Imfundo Jikelele Nokuqeqeshwa (i-General Education and Training)
HDSA	Abantu baseNingizimu Afrika ababencishwe amathuba - Izisebenzi zase-Afrika, zamaNdiya nezamaKhaladi. (i-Historically Disadvantaged South African - African, Indian and Coloured employees)
HET	Imfundo Ephakeme Nokuqeqeshwa (i-Higher Education and Training)
HRD	Ukuthuthukiswa Kwabasebenzi (i-Human Resources Development)
IEB	Ibhodi Lokuhlola Elizimele (i-Independent Examination Board)
IDP	Uhlelo Lokuthuthukiswa Okuhlanganisiwe (i-Integrated Development Plan)
KPI	Inkomba Yokusebenza Okuyinhloko (i-Key Performance Indicator)
LED	Ukuthuthukiswa Komnotho Wendawo (i-Local Economic Development)
MERSETA	Igunya Lemfundo Nokuqeqeshwa Kwezokukhiqiza, Ubunjiniyela Nemikhakha Ehlobene (i- Manufacturing, Engineering and Related Sector Education and Training Authority)
MML	Izinga Lokuphatha Elimaphakathi (i-Middle Management Level)
MPRDA	Umthetho Wokuthuthukiswa Kwemithombo Yamaminerali Ne-Petroleum (i-Mineral and Petroleum Resources Development Act)
MQA	Iziphathimandla Zokufaneleka Kwezimayini (i-Mining Qualifications Authority)
NML	Izinkampani ezizimele (i-Non-Management Level)
NQF	Uhlaka Lweziqu Lukazwelonke (i-National Qualifications Framework)
OEE	Ukusebenza Kwezinsimbi Ngokuphelele (i-Overall Equipment Effectiveness)
SETA	Umkhakha Wemfundo Nokuqeqeshwa (i-Sector Education and Training Authority)
SHE	Ezokuphepha, Ezempilo, Ezemvelo (i-Safety, Health, Environment)
SHEQ	Ukuphepha, Impilo, Imvelo, Ikhwalithi (i-Safety, Health, Environment, Quality)
SML	Izinga Lokuphatha Eliphakeme (i-Senior Management Level)
SMMes	Amabhezini Amancane Naphakathi (ama-Small, Micro and Medium Enterprises)
SSC	Isikhungo Sezinsizakalo Ezihlanganyelwe (i-Shared Services Centre)
SSLAs	Izivumelwano Zamazinga Okuhlinzeka Nezinsizakalo (ama- Supply and Service Level Agreements)
TCO	Izindleko Eziphelele Zobunikazi (i-Total Cost of Ownership)
TML	Izinga Eliphezulu Lokuphatha (i-Top Management Level)
UIF	Isikhwama Somshwalense Wokungasebenzi (i-Unemployment Insurance Fund)
WCA	Umthetho Wokunxeshelwa Kwabasebenzi (i-Workmen's Compensation Act)
WSP	Uhlelo Lwamakhono Emsebenzini (i-Work Place Skills Plan)

Uhlu Lwamagama

Abantu baseNingizimu Afrika ababencishwe amathuba ngokomlando (HDSA)	Kubhekisela kunoma yimuphi umuntu, isigaba sabantu, noma umphakathi owahlukunyezwa ngokungenabulungiswa ngaphambi kokuba uMthethosisekelo wezwe laseNingizimu Afrika, 1993 (Umthetho No. 200 ka-1993) usebenze.				
Uhlelo Lokuthuthukisa Oluhlanganisiwe (i-IDP)	Uhlelo oluhloselwe ukuthuthukiswa okuhlanganisiwe nokuphathwa kwendawo kaMasipala njengoba kucashunwe kuMthetho Wezakhiwo zikaMasipala (Umthetho 117 ka-1998). Ngokwezinhloso zaloluhlelo lwezenhlalakahle Nezemisebenzi, i-IDP Isho i-IDP kaMasipala Wendawo yaseMgungundlovu,oyingxenye kaMasipala Wesifunda saseMkhambathini.				
Indawo enkulu yokuthumela abasebenzi	Indawo enkulu ethumela abasebenzi uMasipala Wendawo waseMgungundlovu.				
	Incazelo		Izinga Lenkampani	Izinga le-Hay	Izinga le-Paterson
	Abaphathi abaphezulu	UKUPHATHA	TML	H14 – H15	F
	Abaphathi abakhulu		SML	H11 – H13	E
	Ochwepheshe abaqeqeshiwe nabanolwazi, abaphathi abaphakathi, abasebenzi abaneziqu zemfundo, abaphathi abancane nabaphathi ababheke umsebenzi.		MML	H9 – H10	D
	Abasebenzi abanamakhono ezobuchwepheshe, nabaneziqu zemfundo, izinduna kanye nabaqondosi.		FML	H7 – H8	C
			NML	H5 – H6	
	Makhono amancane nokuthatha izinqumo ngokuzikhethela.		NML	H4 – H2	B
	Ukungabi namakhono, nokuthatha izinqumo ngokuchaziwe.		NML	H1	A
Ngokwezinhloso zaloluhlelo lwezenhlalakahle Nezemisebenzi, uMasipala wendawo uchazwa njengoMasipala wendawo okwabelana nesigungu esiphezulu sikaMasipala nesishayamthetho esisendaweni yawo, noMasipala wesifunda ongaphansi kwendawo yawo, futhi ochazwe esigabeni 155 (1) soMthethosisekelo njengomMasipala wesigaba B.					
Umasipala					
Inkampani	Kubhekiswe kwi-AfriSam (South Africa) Properties (Pty) Ltd njengoba kuchazwe ngokugcwele esigabeni 1.1				

1 UMTHETHO 46 (A)

Isingeniso kanye nolwazi oluyisisekelo mayelana nomsebenzi



Igama lomfakisicelo/lenkampani	I-AfriSam (South Africa) Properties (Pty) Ltd [ephinde la ibizwe nge- AfriSam or iNkampani]
Igama lomsebenzi	Pietermaritzburg Quarry
Igama lomuntu oxhumana naye	Glenn Johnson Isikhulu: Construction Materials
iKheli lendawo	Natal Crushers Farm Off New Greytown RD Copesville, Pietermaritzburg
Ikheli leposi	P.O. Box 6367 Weltevredenpark Roodepoort 1715
Ucingo	011 670 5997
Imeyili	glenn.johnson@za.afrisam.com
Izimpahla ezimbiwa emayini	I-Dolerite ne-Shale
Indawo	Inombolo yepulazi kanye nesigaba sokubhalisa: Natal Crushers 14967 Isifunda seMantshi: Pietermaritzburg Umasipala weNdawo: Msunduzi Umasipala weSifunda: Umgungundlovu Isifundazwe: KwaZulu-Natal See also Section 1.1
Ubude besikhathi semayini	> iminyaka engu-30
Ukuphela konyaka wezimali	31 Disemba

ISIZATHU:

I-AfriSam (South Africa) Properties (Pty) Ltd ingumnikazi wamalungelo ezimayini welayisensi yezimayini (KZN30/5/1/2/205) yokumba yonke i-dolerite ne-shale e-Farm Natal Crushers 14967 yasePietermaritzburg, KwaZulu Natal. I-AfriSam izoba nesibopho esiqondile sokuqaliswa kwalolu Hlelo Lwezenhlalakahle Nezabasebenzi lwe-quarry. I-Alpha (Pty) Ltd yashintsha igama layo yaba yi-Holcim (South Africa) (Pty) Ltd ngo-1 kuFebhuwari 2005. I-Holcim (South Africa) (Pty) Ltd yashintsha igama layo yaba yi-AfriSam (South Africa) Properties (Pty) Ltd ngo-1 Ephreli 2008.

1.1 ISIBUKEZO SENKAMPANI




1.1.1. Isakhiwo sabanini bamasheya

Ngokwe Sibuyekazo seSimiso seMayini:

- Umnikazi wamalungelo okumba okukhona osethole ubuncane bokubamba iqhaza kwe-BEE okungama-26% ngosuku lokushicilelwa kwe-Mining Charter ebukeziwe uzobonwa njengohambisana nesikhathi esisele selungelo labo lokumba.
- Umnikazi wamalungelo okumba okukhona, noma ngasiphi isikhathi ngesikhathi sokubakhona kwelungelo lokumba, ufinyelele ubuncane bamasheya angama-26% eBEE futhi abalingani be-BEE babo babekhona ngaphambi kokuqala kweSivumelwano Sokumba Esibuyekaziwe bazokwaziwa njengokuhambisana nesikhathi esisele selungelo lokumba kodwa lokhu kwaziswa ngeke kusebenze lapho kuvuselelwa.
- I-AfriSam yaphothula ukuthengiselana kwe-BEE kabili, okokuqala ngo-2006 lapho i-Black Consortium ithola u-66% wamasheya ayo, bese futhi ngo-2012/2013 lapho i-Black Controlled Group ithola u-30% wesabelo ku-AfriSam, i-GEPP iphethe u-66% wenhlangano.




- I-AfriSam, kulandela inqubo yayo yokuhlelwa kabusha kwesikweletu ngo-2020, manje inesakhiwo sokubamba iqhaza esilandelayo:



1.1.2. Imisebenzi yenkampani

LeNkampani iqasha abantu ababalelwa ku-1294. Esifundeni jikelele saseNingizimu Afrika (phecelezi i-Southern Africa), leNkampani iphethe futhi isebenzisa izimboni ezintathu zesamente, izindawo ezimbili zokugaya isamente / islagment, ama-depo ayisikhombisa zesamente, izigodi eziyishumi nezitshalo ze-aggregate kanye nezitshalo ezingu-17 zokuxuba isihlabathi sokhonkolo olungisiwe. Lemisebenzi itholakala kuso sonke isifunda saseNingizimu Afrika okuhlanganise iLesotho kanye neSwatini. Inkampani inamahhovisi ayo amakhulu eRoodepoort, eKapa naseThekwini.

Isibalo 1 Izindawo ze-Aggregate noSimende



1.1.1 Isibuikezo senkampani – umlando wethu

I-AfriSam iyiqembu elihamba phambili lezinto zokwakha elawulwa ngabantu abamnyama esifundeni saseNingizimu Afrika jikelele eLesotho nase-Swatini.

Inkampani ikhiqiza usamente oyinani lama-ton (phecelezi ama-tons) ayizigidi ezingu 4.5 ngonyaka, elikhiqizwa ezikhungweni zokukhiqiza ezisishiyagalombili, futhi lisatshaliswa kumakhasimende ngokusebenzisa iziteshi zesamente ezibekwe ngokuhleliwe.

Umsebenzi wokuxuba ukhonkolo we-AfriSam ungakhiqiza noma yiluphi uhlobo lokhonkolo edingwa amakhasimende kusuka kunoma yisiphi sesitshalo sayo sokuxuba ukhonkolo kwezingu-17 ezweni lonke.

Inkampani inokwazi ukukhiqiza cishe ama-ton ayizigidi ezingu-4.8 ezivela ezimayini eziyishumi minyaka yonke.

Ibhizinisi layo le-Slagment, elise-Vanderbijlpark, selikhiqize i-Ground Granulated Blast Furnace Slagment yokwakha izakhiwo ezinkulu eminyakeni engu-50 edlule. Loku kuhlenganise nezakhiwo, amadamu, amabhuloho, imigwaqo nezakhiwo zokugcina amanzi.

I-AfriSam (South Africa) Properties (Pty) Ltd yasungulwa yi-Anglovaal Portland Cement Co. Ltd ngo-1934, futhi isike yenza izinto zokwakha zemiphakathi yesifunda saseNingizimu Afrika jikelele, kusukela, lapho isitshalo sayo sokuqala sesimendi sasisibenza khona. Igama lenkampani lishintshwe laba yi-Alpha (Pty) Ltd ngo-1996 kwabe sekuba yi-Holcim (South Africa) (Pty) Ltd ngo-2004.

Ukudayiswa komlando kwe-Holcim (SA) (Pty) Ltd kudlulele ku-AfriSam Consortium eqhutshwa ngabantu abamnyama ngo-2007 kwaholela ekuzalweni komkhiqizo omusha, i-AfriSam.


Ngo-2020, i-AfriSam yaqeda ukuthengiselana kokuhleleka kwezimali okuholele ekutheni amabhange amane amakhulu eNingizimu Afrika abe neqhaza elibonakalayo kodwa elingawulawuli enkampanini.

1.2 Isibukezo somsebenzi

I-Pietermaritzburg Quarry isesifundazweni saseKwaZulu-Natal futhi isendaweni esenyakatho-mpumalanga yedolobha lasePietermaritzburg. Iziphathimandla zendawo uMasipala Wendawo waseMsunduzi. I-New Greytown Road, empumalanga ye-Örient Heights, empumalanga ye-N3 Highway njengoba kuboniswe esithombeni 2 ngezansi.

Emgodini, wonke amatshe akhishwa ngezindlela zokumba ngaphansi komhlaba. I-dolerite isuswa ngezindlela ezijwayelekile zokubhola nokuqhuma, lapho izinto ezixutshiwe zithuthelwa esigayweni sokuqala ngama-excavator nezimoto zokudonsa. Khona-ke le nto isetshenziswa uchungechunge lwama-crusher nama-screens ukuze kwenziwe imikhiqizo efiselekayo. I-Pietermaritzburg Quarry imayini amathani ayizinkulungwane ezingu-660 ezinsimbi ngonyaka.

Isibalo 2 Ibalazwe Lendawo yePietermaritzburg Quarry



1.3 Izibalo zabantu abasebenzayo

I-Pietermaritzburg Quarry iqasha abantu abangu-26 kuya ku-100% wabo bonke abasebenzi bavela esifundazweni saseKwaZulu-Natal futhi baboniswe kuThebula 1.

Ithebula 1 Izindawo Ezithumela Abasebenzi

Ithebula 1 Izindawo Ezithumela Abasebenzi			
Idolobha/Isigodi	Umasipala	Isifundazwe	Inani labasebenzi
Pietermaritzburg	Umsunduzi	Kwa-Zulu Natal	25
Durban	Ethekwini	Kwa-Zulu Natal	1

2 UMTHETHO 46 (B) (I)

Uhlelo lokuthuthukiswa kwamakhono



2.1 Isingeniso

Uhlelo jikelele lokuThuthukiswa Kwezinsiza Zabantu (HRD) enkampanini lunikeza izindlela ezibanzi zamathuba okukhula okuvumela abasebenzi ukuthi babe nokufinyelela ekuthuthukisweni kwemisebenzi ngaphakathi kwemisebenzi yenkampani..

I-Pietermaritzburg Quarry iyingxenye yebhizinisi le-AfriSam lezinto Zokwakha elisebenza ezingeni likazwelonke eNingizimu Afrika. Le nxenye yebhizinisi ihlelwe yaba izingxenye ezimbili, okungukuthi, Izinto Zokwakha e-North ne-South. Pietermaritzburg Quarry ingaphansi kwesfunda seZinto Zokwakha e-South/KZN.

Isifunda Sezinto Zokwakha e-South / KZN, esihlanganisa izigodi ezine nezimboni ezinhlanu zokuxuba okulungele ukusetshenziswa, sisebenza ngendlela yezinsizakalo ezabiwe, lapho izinqubo ezingeyona eyinhloko zihlanganiswa eZikhungweni Zezinsizakalo Eziyinhloko (SSC).

Uhlelo Lwentuthuko Yamakhono ye-Pietermaritzburg Quarry lukhombwe ngokukhethekile ukuqinisekisa ukuthi bonke abasebenzi be-quarry banamakhono namandla adingekayo ukuze bahlangabezane namazinga okusebenza adingekayo; kanye nokubhekana nezidingo zokuqeqeshwa nentuthuko, ezothuthukisa ikhono lomsebenzi wamanje futhi zilungise abasebenzi ukukhula emsebenzini kanye namakhono angahambisana nomsebenzi. Imisebenzi eyinhloko endaweni yile; umsebenzi wokumba nokuqhuma; ukugaya nokuhlunga itshe; ukuphatha izinto; ukulawula izinga yomkhiqizo; ukugcinwa kwemishini; nokukhiqizwa kosimende ngokunakekela okukhethekile kwezempilo, ukuphepha nezindaba zemvelo. Amazinga omsebenzi wabasebenzi besikhathi eside e-quarry akhonjiswa kwiThebula lesibili (i-Table 2).

Ithebula 2 Amazinga Omsebenzi wasePietermaritzburg Quarry

Incazelo yomsebenzi	Abesilisa		Abesifazane		Inani	Izinga lomsebenzi	Izinga le-NQF
	HDSA	Non-HDSA	HDSA	Non-HDSA			
Despatch Clerk II	0	0	1	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Despatch Clerk II	0	0	1	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Administration Team Leader	0	0	1	0	1	Skilled & qual. workers, jnr mgt., supv, foremen, supt.	7
Fitter	1	0	0	0	1	Skilled & qual. workers, jnr mgt., supv, foremen, supt.	4
Maintenance Assistant II	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Electrician	1	0	0	0	1	Skilled & qual. workers, jnr mgt., supv, foremen, supt.	5
Maintenance Assistant II	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Maintenance Supervisor	1	0	0	0	1	Skilled & qual. workers, jnr mgt., supv, foremen, supt.	4
Mobile Equip Operator II	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	1
Production Superintendent	1	0	0	0	1	Skilled & qual. workers, jnr mgt., supv, foremen, supt.	4
Plant Operator II	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	1
Mobile Equip Operator II	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	1
Mobile Equip Operator II	0	0	1	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Maintenance Assistant II	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	1
Plant Operator II	0	0	1	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Works Manager II	1	0	0	0	1	Prof. qualified & experienced specialists and mid-management	5
Mobile Equip Operator II	0	0	1	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Plant Operator II	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Mobile Equip Operator II	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Maintenance Superintendent	1	0	0	0	1	Skilled & qual. workers, jnr mgt., supv, foremen, supt.	5
Plant Operator I	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Mobile Equip Operator II	0	0	1	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Mobile Equip Operator II	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Maintenance Assistant II	1	0	0	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Mobile Equip Operator II	0	0	1	0	1	Semi-skilled and discretionary decision making	4
Boilermaker	1	0	0	0	1	Skilled & qual. workers, jnr mgt., supv, foremen, supt.	4

**HDSA isho abasebenzi abangama Afrikha, amaNdiya kanye nama Khaladi, bese kuthgi i-NON HDSA isho abaMhlophe.*

2.2 Isu and nezinhlalo

Uhlelo Lwenkampani Lokuthuthukisa Amakhono luhambisana nokufeza izinhloso zenkampani. Uhlelo wukuthuthukisa abasebenzi beNkampani e-Umlaas Road Quarry kanye nokubaqeqesha ngamathuba emisebenzi esikhathini esizayo. Njengoba lolu hlelo lwenziwa, luzosiza ukugcina amakhono eNkampani futhi luzokhuphula amandla okuncintisana kweNkampani kanye nokuzinzile kwayo embonini.

Izinhloso zenkampani zokuthuthukiswa kwamakhono ziqinisekisa ukuthi inkampani ihweba futhi igcina abantu abangcono kakhulu embonini, futhi okubaluleke kakhulu yakha umthombo wabaholi nabaphathi bakusasa ukuze bahlangabezane nezinhlalo zebhizinisi futhi babone izinselelo ezintsha.

Lokhu kuzofezeka ngokuthi:

- a) ukuba nekhono elidingekayo lokufeza izinga eliphezulu elifunekayo lomsebenzi wokumbiwa kwamatshe/ukumba;
- b) ukuvumela abasebenzi ukuthola izinga lobuchule emsebenzini elihlangabezana namazinga okusebenza adingekayo futhi elakha isisekelo sokuthuthukiswa komuntu kanye nokunyuswa emsebenzini
- c) okuqinisekisa ukuthi amazinga okuphepha, impilo, kanye nemvelo ayagcinwa
- d) ukuphatha ngokuzibophezela inqubo yokuphathwa kokulandelana okuveza amakhono adingekayo namakhono ezinsiza zabantu abanekhono;
- e) ukuba nezibuyekezo zokuthuthukiswa kwabasebenzi ukuze kuhlonzwe futhi kubhekelelwe ukuthuthuka nokukhula komuntu ngamunye;
- f) ukuba nenqubo eqhuba ingxoxo ngokuthuthukiswa kokusebenza kwabasebenzi, ukutholakala kwezindawo ezibalulekile zokuthuthukisa, nokuqonda izifiso zabasebenzi;
- g) ukuthuthukisa izinhlelo zokuqeqesha umuntu ngamunye ukuze umehluko phakathi kwamakhono akhona omsebenzi nalawo adingekayo kohlobo lomsebenzi oluchaziwe ukwaziwe, bese kufakwa izinhlelo zenqubo yokususa lezo zikhala
- h) ukuhlinzeka abasebenzi ngamakhono empilo nokuphathekayo ukuze bakwazi ukubhekana nezinselelo zomnotho nabantu
- i) ukukhuthaza abasebenzi ukuba baphendule kulezi zinhlelo ngokubamba iqhaza ekuthuthukisweni kwabo, nokubeka ukuzibophezela nemizamo edingekayo.

2.3 Isimo samanje

Amazinga amakhono abasebenzi abangu-26 abaqashwe ngokugcwele e-Pietermaritzburg Quarry akhombisa okulandelayo:

- a) Abasebenzi abangu-22 banawo amazinga e-NQFefunakalayo, okumele u-84.61% wabasebenzi abaqashwe ngokuphelele; futhi
- b) Abasebenzi abangu-4 basezingeni eliphansi le-NQF efunakalayo, okumele u-15.38% wabasebenzi bonke abaqashwe ngokugcwele.

Uhlolo lwezamakhono (Bheka Itafula 3) lubonisa ukuthi kudingeka intuthuko yabasebenzi abangu-6 ukuze bafinyelele ezingeni le-NQF elifunwayo.

Ithebula 3 Izinga Lobuchwepheshe Nokwenzeka Ngokuthuthukiswa okuqhubekayo – Pietermaritzburg Quarry

Incazelo yoMsebenzi	Company preferred NQF Level	Inani labasebenzi		
		In job category	Who meet preferred standard	Below preferred standard
Despatch Clerk II	4	1	1	0
Despatch Clerk II	4	1	1	0
Administration Team Leader	5	1	1	0
Fitter	4	1	1	0
Maintenance Assistant II	3	1	1	0
Electrician	4	1	1	0
Maintenance Assistant II	3	1	1	0
Maintenance Supervisor	4	1	1	0
Mobile Equip Operator II	3	1	0	1
Production Superintendent	5	1	1	0
Plant Operator II	3	1	0	1
Mobile Equip Operator II	3	1	0	1
Mobile Equip Operator II	3	1	1	0
Maintenance Assistant II	3	1	0	1
Plant Operator II	3	1	1	0
Works Manager II	6	1	1	0
Mobile Equip Operator II	3	1	1	0
Plant Operator II	3	1	1	0
Mobile Equip Operator II	3	1	1	0
Maintenance Superintendent	4	1	1	0
Plant Operator I	3	1	1	0
Mobile Equip Operator II	3	1	1	0
Mobile Equip Operator II	3	1	1	0
Maintenance Assistant II	3	1	1	0
Mobile Equip Operator II	3	1	1	0
Boilermaker	4	1	1	0

Isu nezindlela zokuqeqesha zigxile ekuthuthukiseni amakhono ahlobene nabantu kanye nezinhloso zebhizinisi. Lezi zinhlelo zokuthuthukisa zibonisa uhlelo kwamakhono endawo yokusebenza oluhanjisiwe ku-MQA. Isu nezindlela zokuqeqesha njengoba kubonisiwe kwiThebula 4 zibonisa isu lonke lokuqeqesha kanye nezinhlelo ezizogxilwa kuzo ngo-2023 - 2027.

Ukugxila kusekuqeqeshweni amakhono kwezobuchwepheshe ukuze kusizwe ekunqobeni ukuntula amakhono embonini yebhizinisi le-quarry kanye nokuqinisekisa ukuthi imigomo yokusebenza kahle kwemishini yonke (OEE) iyatholakala.

Ngaphezu kokugxila kwayo kwezobuchwepheshe, Inkampani izoqhubeka nokuthuthukisa amakhono okuphatha nokwengamela futhi isekele izintshisekelo zokuthuthukiswa komuntu

ngamunyeNgokuhambisana nezinhloso zokuphepha, ezempilo kanye nezemvelo, bonke abasebenzi bazohlanganyela ekuqeqeshweni okuhleliwe okuhlobene nokukhuthaza ukuqaphela ukuphepha, ezempilo kanye nemvelo. Umzamo oqhubekayo wenkampani wokudlula okulindelwe amakhasimende udinga ukuthuthukisa abasebenzi ngezinsiza zamakhasimende nakwamanye amakhono ezihlobene nebhizinisi.

Ukuphuculwa kwamakhono okubhala nokufunda nokubala kuhlala kuyindlela ephambili yohlelo loqeqesho lweNkampani. Lamakhono azolungiswa ngokusebenzisa uhlelo lwe-AET.

Ithebula 4 Isu Lokuzilolonga Nezinhlelo – Izinto Zokwakha

Umkhiqizo Ohlosiwe	Izinhloso	Izindlela Zokulinganisa	Ukuqaliswa
1. UKUQOKWA KWAMAKHONO ADINGEKAYO	• Ukuqinisekisa ukuqondanisa izidingo zamakhono weNkampani nezinhlelo zokuqeqesha abasebenzi. • Ukwakha amakhono okuhlangabezana nezidingo zebhizinisi.	• Izinhlelo zokuqeqesha abasebenzi zihambisana nezidingo zamakhono.	Njalo ngonyaka
2. UKUHLINZEKA NGOKUQEQESHA KWAMAKHONO ABASEBENZI	• Nikeza ukuqeqeshwa ngokuhambisana nezidingo, kucatshangelwa lezi zigaba ezilandelayo:	• Ukuhlinzekwa ngokubuyekezwakohlelo lokuthuthukiswa ngabasebenzi.	Ngokuqhubekayo
3. UKUNIKEZELA UQEQESHO LWE- AET KUBASEBENZI	• Ukuqeqeshwa kwezobuchwepheshe	• Ukwethulwa kwezinhlelo ngokuhambisana nezidingo ezibonisiwe	Ngokuqhubekayo
4. UKUNIKEZELA UQEQESHO NGOKUPHATHA NANGOBUHOLI	• Okuqondene Nomsebenzi	• Ukudluliselwa kwamakhono nokwakhiwa kwamakhono	Ngokuqhubekayo
5. UKUNIKELA NGOQEQESHO LOKUPHEPHA, IMPILO KANYE NOKUFUNDA NGEMVELO KWABASEBENZI	• Ukuziphatha	• Nikeza uhlelo lwe-AET ngokuya ngesidingo esibonisiwe.	Ngokuqhubekayo
6. UKUNIKELA NGOQEQESHO KWEZEMITHETHO KANYE NOKUPHATHA KUBASEBENZI	• Thola izisebenzi ezingaphansi kwezinga le-AET 4.	• Ukwethulwa kwezinhlelo ngokuhambisana nezidingo ezikhonjisiwe.	Ngokuqhubekayo
7. UKUPHATHA FUTHI UHLANGANYELE IZINDAWO ZOKUTHUTHUKISA	• Nikeza ukuqeqeshwa ngokuvumelana nezidingo.	• Ukwethulwa kwezinhlelo.	Ngokuqhubekayo

Ithebula 5 elingezansi limele ukuqeqeshwa okuhleliwe kwesikhathi esisukela ku-2023 kuya ku-2027 ngokusekelwe kulo isu lwamanje, izakhiwo zenhlango, amakhono nezidingo zolwazi. Isu loqeqesho, izinhlelo, izindlela eziqondile zokuqeqesha kanye nababambiqhaza kungalungiswa ngokwezinhloso zebhizinisi.

Ithebula 5 Izinjobgo Zokuqeqesha – Pietermaritzburg Quarry 2023-2027

Uhlobo lokuqeqeshwa	Okuhlosiwe ngo-2023 kuya ku-2027					Total Cost
	2023	2024	2025	2026	2027	
Ukuqeqeshwa Kwamakhono	5	5	5	5	5	
Okuphoqelekile	5	5	5	5	5	
Ukuphepha	5	5	5	5	5	
Inani eliphelele	15	15	15	15	15	
Isabelomali	R 60,000	R 130,000	R 140,000	R 100,00	R 110,000	R540,000.00

**HDSA isho abasebenzi abangama Afrika, amaNdiya kanye nama Khaladi, bese kuthgi i-NON HDSA isho abaNhlophe.*

2.3.1 Indlela yokwenza nezenzo

- Ukungenelela ngokuqeqesha kuzokwenziwa ngabahlinzeki bezinsiza abathengwe ngokuvumelana nenqubomgomo yokuthenga Yenkampani futhi abaqinisekisiwe ngendlela efanele ngokuhambisana nezidingo ezifanele ze-Sector Education and Training Authority (SETA).
- Ukungenelela ngokuqeqesha kuzokwenziwa ngaphakathi endaweni yokusebenzela kanye nangaphandle kwendawo yomsebenzi, kuzoya ngohlobo lokungenelela.
- Inqubekela phambili yokuqeqesha izobhekwa futhi ibuyekizwe kanye nemi-nyaka emibili njengengxenywe yenqubo yokubuyekiza uhlelo lokuthuthukiswa komuntu siqu.
- Iningi loqeqesho lihlelwe ngokwecebo oluyinhloko loqeqesho. Uhlelo oluyinhloko loqeqesho luhlanganisa zonke izidingo zokuthuthukiswa ezikhonjwe yizisebenzi ngaleso sikhathi esithile.
- Izinhlelo zokuqeqesha nezamasu zizohlolwa minyaka yonke ukuqinisekisa ukuthi zisahlolobene nezinhloso zebhizinisi kanye nezidingo zokuthuthukiswa kwamakhono enkampani.
- Lezi zinhlelo zokuqeqesha zenzelwe ukusiza abasebenzi ekulungiseleleni kwabo ukukhula emsebenzini kanye nokuthuthukisa amakhono abo emisebenzini yabo yamanje.

2.4 Uhlelo lokufunda

2.4.1 Isimemo samanje

Uhlelo lokufunda lusungulwe ukuqinisekisa ukuthi inqwaba yochwepheshe iyakhula ukuze ihlangabezane nezidingo zobuchwepheshe zeNkampani. Kugcizelelwa ukuqashwa nokuthuthukiswa kwabafundi ngokuhambisana nezinhlelo zokufunda ezivunyiwe ze-MQA. Ukugxila kwezinhlelo zokufunda kusempendulweni yezikhala ezinzima ukuzigcwalisa (Ithebula) kanye nezidingo ezithile zebhizinisi. Ukunakwa kubekwa emikhakheni yobuciko elandelayo: Boilermakers, Fitters, and

Electricians. Uhlelo lokufunda lweNkampani lufinyelela kubafundi be-18.1 kanye ne-18.2. Ukubekwa kwabafundi ukuze bathole ulwazi nesipiliyoni kuphathwa ngobukhulu nezinsiza zomsebenzi ngenhloso yokunikeza abafundi ulwazi nesipiliyoni esiningi ukuze bathuthukise amakhono abo.

Igama elithi abafundi ku 18.1 libhekisela kubafundi asebeqashwe yinkampani, ngezindlela ezehlukile ku18.2 elisho abafundi abangasebenzi abaqashwe yinkampani isikhathi sokufunda. Inkampani izozama ukuqasha abafundi ababalwe ku-18.2 emva kohlelo lokufunda.

Uhlelo lokufunda luzobandakanya:

- Izigaba ezahlukene zokufunda ngaphakathi kwesikhathi semijikelezo eyi-36 months (iminyaka emi-3) se-Pietermaritzburg Quarry;
- Abafundi bazochitha isikhathi esifanele emisebenzini ukuze bathole ulwazi olusebenzayo kanye nesiqondiso. Lapho kudingeka, abafundi bazophonselwa insalela nezinye izindlela zokwenza ukuze bathuthukise ulwazi nokuqonda kwabo ngesifundo.

Isimo samanje sokufunda e-Pietermaritzburg Quarry siboniswa ku-Thebula 6, kanti izinhloso zokufunda emikhakheni ehlukeni zethulwa ku-Thebula 7.

Ithebula 6 Izifundo – Pietermaritzburg Quarry

Izifundo (ama-Learnership)	Abesilisa		Abesifazane		Inani
	HDSA	NON HDSA	HDSA	NON HDSA	
18.1 Izifundo	1	0	0	0	1
18.2 Izifundo	2	0	2	0	4
Inani	3	0	2	0	5

**HDSA isho abasebenzi abangama Afrika, amaNdiya kanye nama Khaladi, bese kuthgi i-NON HDSA isho abaNhlophe.*

Ithebula 7 Izinhloso Zokufunda Ezihlosiwe–Pietermaritzburg Quarry

Izifundo 18.1	Inani Labafundi																							
	2023				2024				2025				2026				2027				Inani			
	HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA					
	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F				
Umkhakha	-				Fitting				Fitting				Fitting				-							
Okusha	-	-	-	-	1	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-				
Okuqhubekayo	-	-	-	-	-	-	-	-	1	-	-	-	1	-	-	-	-	-	-	-				
Inani	0				1				1				1				0							
Isabelozimali	R0				R140,077				R136,077				R151,77				R0				R427,931			

Ithebula 8: Ukunikezwa Kwezezimali Okulinganiselwe

18.1 Izifundo	Inani	Inani labazuzi	Imali yokufunda	Indawo yokuhlala	Amathuluzi	I-PPE	Ukuhlolwa kokuhweba
Year 2023	R 0.00	0	R 0.00	R 0.00	R 0.00	R 0.00	R 0.00
Year 2024	R 140,077.00	1	R 61,000.00	R 59,000.00	R 16,000.00	R 4,077.00	R 0.00

Year 2025	R 136,077.00	1	R 67,100.00	R 64,900.00	R 0.00	R 4,077.00	R 0.00
Year 2026	R 151,777.00	1	R 73,810.00	R 71,390.00	R 0.00	R 4,077.00	R 2,500.00
Year 2027	R 0.00		R 0.00	R 0.00	R 0.00	R 0.00	R 0.00
Total	R 427,931.00	2	R 201,910.00	R 195,290.00	R 16,000.00	R 12,231.00	R 2,500.00

Ithebula 9: 18.2 Izifundo

Izifundo 18.2	Inani Labafundi																							
	2023				2024				2025				2026				2027				Inani lezindleko			
	HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA					
	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F				
Umkhakha	-				-				Electrical/ Fitting/ Boilermaking				Electrical/ Fitting/ Boilermaking				Electrical/ Fitting/ Boilermaking							
Okusha	-	-	-	-	-	-	-	-	4	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-			
Okuqhubekayo	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	-	4	-	-	-	4	-	-	-			
Inani	-				-				4				4				4							
Isabelozimali	R 0				R0				R 896,308				R 897,108				R977,548				R2,770,964			

Ithebula 10: Isilinganiso Sokuhlinzekwa Kwezimali Kobambiswano lwe-18.2

18.2 Izifundo	Inani	Inani labazuzi	Iholo	Imali yokufunda	Indawo yokuhlala	Amathuluzi	PI-PE	Ukuhlolwa kokuhweba
Unyaka ka 2023	-	-	-	-	-	-	-	-
Unyaka ka 2024	-	-	-	-	-	-	-	-
Unyaka ka 2025	896,308	4	336,000	244,000	236,000	64,000	16,308	-
Unyaka ka 2026	897,108	4	352,800	268,400	259,600	-	16,308	-
Unyaka ka 2027	977,548	4	370,440	295,240	285,560	-	16,308	10,000
Inani	2,770,964	4	1,059,240	807,640	781,160	64,000	48,924	10,000

2.4.2 Indlela yokwenza nezenzo

- Izinhlelo zokufunda ziqhutshwa ngokusebenzisa imfundiso kanye nokuzivocavoca okusebenzay. Ingxenye yethiyori iyingxenye engu-30% yohlelo futhi ilethwa ngabahlizeki bezokuqeqesha abaqinisekiswa yi-MQA, noma isikhungo esivunyiwe esiseduze nendawo e-KZN, esifanele futhi siqinisekiswa yi-MQA. Ingxenye yohlelo olusele olungu-70% luyingxenye yezandla olwenzeka emsebenzini.
- Umfundi ngamunye unikezwa uqeqeshi ophinde ube uchwepheshe oqeqeshiwe ezimweni eziningi. Umqeqeshi unesibopho sokusiza umfundi ukuthola amakhono okusebenza ukuqinisekisa ukuthi ulungele ukuhlolwa. Uhlolo luzokwenziwa endaweni yokusebenza

efanele ngemuva kokuqedwa kwesigaba ngasinye kuze kube abafundi bayeqeda ukuqeqeshwa kwabo futhi babe nekhono.

- c) Ukuqondisa nokuqeqesha kwenzeka ngokubamba iqhaza kwabasebenzi abaphezulu nabezochwepheshe.

2.5 Ukuqeqeshwa ngokwamakhono aphahekayo

2.5.1 Isimo samanje

Uhlelo lwamakhono aphahekayo lweNkampani luhlose ukuhlinzeka abasebenzi ngamakhono azobavumela ukubhekana nezinsalelo nezinhlobo zezomnotho uma umsebenzi wabo ephelile umsebenzi. Ngokusebenzisa izinqubo zokuhlala ukuthuthukiswa kweNkampani, abasebenzi bazonikezwa ithuba lokuthola amakhono aphahekayo. Amakhono ahambisanayo akhonjiwe afanele ibhizinisi leNkampani. Ngakho-ke abasebenzi bazokwazi ukusebenzisa lamakhono emva kokuphela komsebenzi wabo e-Pietermaritzburg Quarry. Inzuzo yale nqubo wukuthi abasebenzi bazokwazi ukuhola imali emakethe yomsebenzi engakahleleki. Ukuqeqeshwa kuzoba ngesikhathi sakhe umsebenzi esiseceleni, kuthathelwa ingqikithi izidingo zokusebenza kwenqubo ngayinye. Ithebula 11 ngezansi liyimikhiqizo yeminyaka emihlanu.

Ithebula 11 Amakhono Aphahekayo Ahlosiwe – Pietermaritzburg Quarry

Amakhono	Inani labasebenzi															
	2023				2024				2025				2026			
	HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA	
	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F
Amakhono aphahekayo Inani	-	-	-	-	-	-	-	-	3	2	-	-	4	0	-	-
	0				0				5				4			
Isabelozimali	R0				R0				R15,000				R15,000			

*HDSA isho abasebenzi abangama Afrikha, amaNdiya kanye nama Khaladi, bese kuthgi i-NON HDSA isho abaNhlophe.

Ithebula 12: Ukwakhiwa Kokuhlinzekwa Kwezizimali Kwamakhono Aphahekayo

Unyaka	Isabelozimali esihleliwe	Inani Labazuzi	Amakhono aphahekayo
2023	R 0.00	0	N/A N/A
2024	R 0.00	0	
2025	R 15,000.00	5	Ukwakhiwa kwezitini nokwenziwa kwamakhandlela
2026	R 15,000.00	4	Ukubhaka; ukuqeqeshwa nge-computer
2027	R 15,000.00	4	ukushisela; ugesi; ukuthunga
Inani	R 45,000.00	13	

2.5.2 Indlela yokwenza nezenzo

- a) Ukuqeqeshwa Kwamakhono aphahekayo kuzocatshangelwa kubasebenzi abakhona ku-Hay Grade H01 kuya ku-H04 (Semi – Skilled) and H05 and H06 (Skilled Technical).

- b) Amathuba aphaathekayo okuthuthukisa amakhono kubasebenzi azobakhona, nakuba engeyona impoqo, futhi umqashwa ngamunye kuzodingeka ukuthi anqume ukuthi efuna ukuhlalanyela noma cha.
- c) Kuzobanjwa izingxoxo nabasebenzi ukuze kutholakale ukuthi banayo yini intshisekelo.
- d) Umqulu webuku elukhulu lamakhono eliphathekayo lisetshenziselwa ukuhlela nokwengamela izinhlelo zokuqeqeshwa kwamakhono aphaathekayo.
- e) Abasebenzi abaqokiwe bazonikezwa ithuba lokubamba iqhaza kukuphathekayo ngaphandle kwezindleko.
- f) Inqubo ebhaliwe izolandela ukuqopha amathuba amukeliwe kanye nalawo angamukelwanga ngabasebenzi.
- g) Uhlelo lokuqeqesha amakhono oluphathekeyo luzoqhutshwa ngokusebenzisa abahlinzeki bezinsizakalo abathengwe ngokohlelo lokuthenga lwenkampani futhi abaqinisekisiwe kahle yi-SETA efanele.
- h) Ukuqeqeshwa kwamakhono aphaathekayo kuzobuyezwa njalo ngonyaka ukuze kutholakale ukuthi kusebenza kangakanani nokuthi kuyadingeka yini.
- i) Izindleko zilinganiselwa ngomsebenzi ngamunye, nokungenelela ngokuqeqesha futhi kuncike ohlotsheni okungenelelwe ngalo kanye nomhlinzeki wezinsiza osetshenzisiwe ngesikhathi sokuqeqeshwa.

2.6 Imfundo Yabantu Abadala Nouqedeshwa

2.6.1 Isimo samanje

Kukhona izinselele zokufunda nokubala ngaphakathi e-AfriSam. Inkampani ixhasa izinhlelo ze-AET ukuphakamisa amakhono abasebenzi bamanje abaphansi kwe-AET 4. Ukuvumela abasebenzi ukuba babambe iqhaza kulo hlelo kukhuphula amathuba abasebenzi okuthola amathuba okuthuthuka futhi kunikeza inhlangano ithuba lokukhulisa ukusebenza kahle nezinga lokusebenza kwabasebenzi.

Isikhathi sokuthi abasebenzi bathuthuke emazingeni ahlukeni e-AET sincike emzamweni nasekuzibophezeleni komsebenzi. Inhloso ukusiza abafundi ukuphakamisa amakhono abo okufunda nokubala. Izinto zokuqeqesha zizohambisana namazinga ezinhlelo zikazwelonke futhi abafundi bazolandela imihlahlandlela yomfundisi nezinhlelo zezifundo. I-Pietermaritzburg Quarry izosebenzisa izinsiza zomhlinzeki wezinsiza ogunyaziwe wohlelo lwe-AET. Abafundi bazobhaliswa neSigungu Sokuhlola Ezimele (IEB) ukuze babhale izivivinyo zawo wonke amazanga e-AET ukuze bathole izinga le-NQF.

Ukuhlaziywa kweminyaka okukhonjiswe etafuleni kukhombisa abasebenzi abanemfundo engaphansi kwezinga le-AET 4 (Igrade 9). Abasebenzi abaqokiwe bakhuthazwa ukuba babambe iqhaza, kanti abaphathi babhekene nenselelo yokugqugqezela abasebenzi ukuba babambe iqhaza futhi baqede uhlelo lwe-AET ikakhulukazi nabasebenzi abadala.

Ithebula 13: Ukuhlaziywa Kweminyaka – Pietermaritzburg Quarry

Isigaba Sobudala	Pre-AET	AET 1	AET 2	AET 3
Ngaphansi kuka 40	0	0	0	0
40 – 50 ubudala	0	0	0	0
51 – 60 ubudala	0	0	0	0

Uhlelo oluhlongozwayo lokuqeqeshwa lwe-AET oluhlinzekwe Ithebula 14 libonisa ukuhlinzekwa kwezimali ukuqeqeshwa okuhleliwe kwe-AET kwesikhathi sika-2023 – 2027. Lokhu kusekelwe kubasebenzi abafuna ukubamba iqhaza ohlelweni lwe-AET. Okuhlosiwe ngezansi kuqondaniswe nezidingo ze-AET ezikhonjiswe kwiFomu Q, (kwiThebula 1lika-14); nokho, lezi zinhloso zizolungiswa ngemva kokuhlolwa konyaka. Kukhunjulwa ukuthi i-AET iyindlela yokuthola ulwazi lokufunda nokubhala oluyisisekelo ukuze kunikwe amandla ukuxhumana nokusebenza okuqondakalayo, kufanele

kugcizelelwe ekwamukelweni kwempumelelo yesisebenzi kunoma yiliphi izinga le-AET, mayelana nekhono laso lokufunda elingakuthatha. IQarry yaseMgungundlovu izoqhubeka nokweseka labo basebenzi abafisa ukuqeda lolu hlelo kuze kufike kuLevel 4, bese beqhubeka nelebo.

Ithebula 14: Imigomo ye-AE – Pietermaritzburg Quarry

Izinga le-AET	2023		Okuhlosiwe		2024		Okuhlosiwe		2025		Okuhlosiwe		2026		Okuhlosiwe		2027		Okuhlosiwe	
	HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA		HDSA		NON HDSA	
	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F	M	F
AET 1		0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	
Okuqhubekayo			0				0				0				0				0	
Okusha			0				0				0				0				0	
AET 2	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
Okuqhubekayo			0				0				0				0				0	
Okusha			0				0				0				0					
AET 3	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
Okuqhubekayo			0				0				0				0				0	
Okusha			0				0				0				0				0	
AET 4	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
Okuqhubekayo			0				0				0				0				0	
Okusha			0				0				0				0				0	
Inani			0				0				0				0				0	
Isabelozimali			R 0				R 0				R 0				R 0				R 0	

*HDSA isho abasebenzi abangama Afrikha, amaNdiya kanye nama Khaladi, bese kuthgi i-NON HDSA isho abaNhlophe.

2.6.2 Indlela yokwenza nezinyathelo ngokwe-AET

- Igumbi lokufundela elinezinsiza linikezelwe ku-AET. Igumbi lokufundela liyimfihlo futhi lisendaweni eseduze nomsebenzi oyinhloko.
- Izivivinyo ze-IEB zibhalwa njalo ngonyaka. Ukubuyekizwa okwenzeka ezinyangeni ezintathu nezinsizakalo kwenziwa ngumhlinzeki wesevisi kanye neNkampani ukuze kulandelwe inqubekela phambili futhi kubhekane nezinkinga eziphathelelele nohlelo lwe-AET.
- Amaripoti anyangazonke enqubekela phambili yabafundi anikezwa abaphathi ukuze kuqashwe intuthuko yabo ekufezeni izinhloso ze-AET
- d) Inkampani izoqhubeka nokukhuthaza abasebenzi ukuthi bathuthukise imfundo yabo ngezinhlelo ze-AET ngokuzibandakanya nabo ezimeni zobuso nobuso lapho izinzuzo ze-AET zizogcizelelwa.

2.7 Ukubhaliswa kwe-SETA: Igunya Lezifundo Zezimayini

Le Nkampani ingaphansi kwegunya le-MQA SETA. Inkampani iyamukela futhi ilandela umthetho wokuthuthukiswa kwamakhono. Uhlelo Lwamakhono Endaweni Yokusebenza kanye Nombiko Wokuqeqesha kubikwa minyaka yonke futhi izimali zentuthuko yamakhono zikhokhiswa ngenyanga.

Igama le-SETA	I-MQA (Iziphathimandla Zokufaneleka Kwezimayini)
Inombolo Yokubhaliswa ne-SETA	
Inombolo Yokubhaliswa ne-SETA	Trish Persad
Ubufakazi bokufakwa kohlelo lwamakhono zokusebenza nosuku lokufaka.	See Annexure 1

3 UMTHETHO 46 (B) (I) (AA)

Inani nezinga lemfundo labasebenzi



Ithebula 15: Inombolo Nezinga Lemfundo Lwabasebenzi Be-Pietermaritzburg Quarry NgokweFomu Q

I-Band	Izinga le-NQF	Uhlelo lokuhlukanisa	Abesilisa				Abesifazane				Inani	
			A	C	I	W	A	C	I	W	Abesilisa	Abesifazane
SImfundo Nokuqeqeshwa Okujwayelekile (i-GET)		No schooling/Unknown	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
		Grade 0/Preschool	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
		Grade 1/Sub A	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
		Grade 2/Sub B	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
		Grade 3/Std 1/AET 1	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
		Grade 4/Std 2	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
		Grade 5/Std 3/AET 2	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
		Grade 6/Std 4	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
		Grade 7/Std 5/AET 3	2	0	0	0	0	0	0	0	2	0
		Grade 8/Std 6	1	0	0	0	0	0	0	0	1	0
Imfundo Eqhubekayo Nokuqeqeshwa (FET)	1	Grade 9/Std 7/AET 4	1	0	0	0	0	0	0	0	1	0
	2	Grade 10/Std 8/N1	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
	3	Grade 11/Std 9/N2	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
	4	Grade 12/Std 10/N3	9	0	2	0	7	0	0	0	11	7
Imfundo Ephakeme Nokuqeqeshwa (HET)	5	Certificates	0	0	0	0	0	0	0	0	0	0
	6	First degrees/Diplomas	2	0	0	0	0	0	0	0	2	6
	7	Honours/Higher diplomas	0	0	0	0	1	0	0	0	0	7
	8	Masters/Doctorates	0	0	0	0	0	0	0	0	0	7



Inani selilonke			15	0	2	0	8	0	0	0	17	8
Abasebenzi Abangaqashiwe Ngokuphelele			0	0	0	0	0	0	0	0	0	9
Inbani selilonke			15	0	2	0	8	0	0	0	17	8

4 UMTHETHO 46 (B) (I) (BB)

Inani lezikhala ezinzima ukuzigcwalisa



Nakuba inkampani ingavamile ukuba nezikhala isikhathi eside kunenyanga eziyi-12, inkampani ithola kunzima ukuthola Abasebenzi abanobuciko, Abaphathi Bemisebenzi, Onjiniyela kanye nabaqinisekisiwe be-GCC Bemayini nonjiniyela bemisebenzi. Inkampani ibhekana nokushoda kwamakhono emikhakheni yezobuchwepheshe yebhizinisi. Lokhu kubonakala ngesikhathi esithathayo ukugcwalisa izikhala ezithile. Isikhathi sokuthuthuka sabalandelayo bangaphakathi abakhonjwe ngokweqoqo leziphiwo siveza yona lenselela. Isu lenkampani lokugcina abasebenzi ligxile ekuthuthukiseni abantu ukuze libanike ithuba lokufinyelela emisebenzini engagcwalisa amaphupho abo ngokomsebenzi. Amasu okulungisa izikhala ezinzima ukuzigcwalisa yilawa alandelayo:

- a) abasebenzi abakhonjwe ngenqubo yokuphathwa kokulandelana kweNkampani babekwa ohlelweni lokuthuthukiswa oluhlelekile oluqukethe izinhlelo zokuthuthukiswa kobuchwepheshe nokuphathwa;
- b) Le Nkampani inohlelo lo-njiniyela-Abafundi (EIT) olukhona, ngenhloso ethile yokubhekana nokushoda kwezindlela zobunjiniyela. Lolu hlelo luhambisana nezimfuneko ze-Engineering Council yaseNingizimu Afrika. Lapho kuqedwa uhlelo loqeqesho lwezinyanga eziyi-18, abasebenzi abaphumelele bangathatha izikhundla zobunjiniyela bokuphatha ezingeni lokuqala
- c) Inkampani inikeza imifundaze kubafundi bezobunjiniyela ukuze idale umthombo wabafundi abangaba khona ohlelweni lonjiniyelai-abaqeqeshiwe. Ngesikhathi befunda bangadingeka ukuthi basebenze ngamaholide ukubafundisa umsebenzi. Ukuhlolwa ngokusemthethweni kwenziwa emva kwesikhathi ngasinye somsebenzi weholide ukuze kuhlolwe amathuba abo nokuhambisana kwabo nenhlangano. Ngemva kokuqedwa kokufunda, abaphathi bezimali bafakwa ohlelweni lwe-EIT kuya ngokutholakala kwezikhala
- d) Uhlelo luhloselwe abafundi be-FET. Lokhu kuzokwandisa inani labafake izicelo abaya kufanelekela ukufakwa ezikhundleni ezinzima ukuzigcwalisa.

Uhlelo lokufunda lwe-AfriSam olusunguliwe kahle lwakha ichibi lobuchule bale Nkampani. Bonke abafundi babhaliswe ne-Mining Qualifications Authority. I-Pietermaritzburg Quarry, ngenxa yemvelo yokusebenza kwayo, idinga ubuchwepheshe obuphakeme ku-70% wabasebenzi bayo. Ukugxila kwamakhono kkukuyo imayini namakhono wemishini ukuze kufezwe ukukhiqiza okufunekayo, ukusebenza kahle kwemishini jikelele (OEE) nokwenza ngcono izinsiza. Lokhu kudinga ukuphathwa nokuqhuthwa kokusebenza kwenziwe yizisebenzi ezinekhono zobuchwepheshe nezokuphatha.

Ithebula 16: Izikhala ezinzima ukuzigcwalisa ngokweFomu R kuSicaphuno II semithetho yeMPRDA

Izinga lomsebenzi (Izigaba zokuphatha enkampanini)	Isihloko somsebenzi ovulekile	Isizathu esikhulu sokungakwazi ukugcwalisa isikhala somsebenzi
Abaphathi amasezingeni aphezulu (TML)	N/A	-
Abaphathi abasezingeni eliphakeme (SML)	N/A	-
- **Ezolimo** - Izinkuni, inyama yenkomo, imikhiqizo yobisi, umhlanga, izithelo ezisawolintshi, izithelo ezingavamile, izimbali ezisikiwe.
- **Ibhizinisi** - Isikhungo esikhulu sezinsizakalo endaweni yaseKwaZulu-Natal Midlands, izinsizakalo zomthetho.
- **Ezokuvakasha** - Amapaki nezingadi, izakhiwo ezingokomlando nezakhiwo, amadamu.

11.2.1.2 I-GDP

Ukwehla komnotho womhlaba kuholele ekunciphiseni okubanzi komsebenzi wezomnotho emnothweni kamasipala, okufana nesimo sikazwelonke. Kodwa-ke, umnotho wedolobha uyaqhubeka nokubona ukukhula okuhle kwezomnotho, yize kuhamba kancane kunaseminyakeni eyedlule. Izinga lokukhula kwe-GDP eliqoshiwe ngo-2015 lalingu-1.03% uma kuqhathaniswa no-2.10% ngo-2014 no-3.95% ngo-2011 (KZN Treasury GDP Model). Ngo-2015, izinkampani eziqala phambili kwezomnotho kumasipala kwakungama-Community Services (28%), ezezimali (17%), ezokukhiqiza (15%) nezokuhweba (13%).

FIGURE 14: GDP per sector for the Msunduzi Municipality (2015)






<http://www.statssa.gov.za/publications/P0211/P02111stQuarter2017.pdf>


Uphenyo Lwezisebenzi LweQ1 2017 lukhombisa ukuthi iningi labantu (838) lisebenza emkhakheni osemthethweni, uma kuqhathaniswa nabantu abangama-271 abasebenza ngokungahleliwe.

11.2.1.3 Umsebenzi



<http://www.statssa.gov.za/publications/P0211/P02111stQuarter2017.pdf>

Ngokuqondene nokuqashwa kanye nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi, imakethe yezabasebenzi emnothweni kamasipala ibonakala isaphila kahle naphezu kwezimo zomnotho ezicindezelayo kanye namathemba. Phakathi nenkathi ka-2000/2001 kuya ku-2014/2015, isibalo sabantu abasebenza ngokusemthethweni sakhuphuka kancane sisuka cishe ku-132 000 saya ku-150 000. Ngokuphawulekayo, amazinga abantu abangasebenzi (incazelo esemthethweni) anciphile kusukela esikhathini sika-2000/2001 (cishe u-30%) kuya cishe ku-25% ngo-2014/15 (imininingwane yakamuva ye-Global Insight -Rex 920).




<http://www.statssa.gov.za/publications/P0211/P02111stQuarter2017.pdf>

Umdwebo ongenhla ngokusho kwe-Labour Force Survey Q1 2017 uhlose ukukhombisa ukuthi iningi labantu abahlala e-KZN engeyona imetro abasebenzi ngokwezomnotho. Izinga lokuntuleka kwemisebenzi njengamanje limi ku-28,9%.

11.2.1.4 Isilinganiso Semali Yasemakhaya

Kubantu abangu-229 672 abasebenza ngokwezomnotho (abasebenzayo noma abangasebenzi kodwa abafuna umsebenzi) kumasipala, u-33% abangasebenzi.



<http://www.statssa.gov.za/publications/P0211/P02111stQuarter2017.pdf>

11.2.2 Izinkampani zezimayini ezikhona endaweni yokusebenza

- I - AFRIMAT (Pty) Ltd
- Wearne Quarries (Pty) Ltd

11.3 Umthelela ongemuhle wokusebenza kwezimayini (Umthetho 46 (c) (ii))

11.2.1 Ukususwa nokubekwa kwabantu Akukho

11.2.2 Ukumbiwa kwamathuna Akukho

11.2.3 Ukuthuthuleka kwabantu - ezindawo zokuhlala ezingekho emthethweni Akukho

11.4 Imisebenzi yengqalasizinda kanye nokuqeda ubuphofu eyokwenziwa yimayini ngokuhambisana noHlelo Lokuthuthukiswa Oluhlanganisiwe lwezindawo kanye nezinye izinhloko ezifanele lapho imayini isebenza khona kanye nezindawo ezinkulu zokuthumela. Umthetho 46 (c) iv.

11.4.1 Ukunikezwa kwezidingo zendawo ngokubaluleka kwazo.

11.4.2 Izidingo zendawo ngokulandelana kwazo

Ward	Area	Community Issues
28		• Renovation and maintenance of Truro main hall • Maintenance of Egret road hall • Maintenance of South road dumpsite • Maintenance of roads • Water pipes renewed in Belfort area • Housing • Maintenance of street lights • Maintenance and grass cutting of open spaces • More staff need to be put in place • Bollards on the pavement in front of Regina primary school • Removal of overflowing on sewers • Maintenance of all storm water drains / manholes • Fairbreeze circle to be fenced • Construction of walk way • Sanitation and toilets • Speed humps and re-painting of speed humps • Construction of youth centre • Hygienic toilets for informal settlements
29		• Housing projects • Electrification of housing • Maintenance of gravel roads • Clinic • Installation of high mast lights • Repairing of Moonstone burst pipes • Upgrade of Copesville sports ground

32		• All housing projects to be completed • Rectification at Site 11 and Happy Valley • Retribution at Woodlands extensions • Yellow wood project • Upgrade of sports facilities especially toilets, change rooms and fencing of the fields • Upgrade of infrastructure • All concrete roads to be upgraded • Installation of street lights
----	--	---

Source: Msunduzi IDP Draft 2017 -2022

11.4.3 I-AfriSam iyazibophezela ukusiza uMasipala ngokuqaliswa kwale phrojekthi elandelayo - ukuthuthukisa ukufinyelela kumphakathi, ukuhlinzekwa kwezinsizakalo zomphakathi kanye nokusebenzela umphakathi

I-Social Investment yeAfriSam ihlose ukugxila kulezi zindawo ezibalulekile zentuthuko:

- o Amaphrojekthi ezemfundo afaka phakathi i-Early Childhood Development (ECD), izinhlelo zezibalo nesayensi, ukufunda okusekelwe kwezobuchwepheshe kanye nokusekelwa kwezemfundo kwabantu abakhubazekile;
- o Impilo kanye nenhlalakahle, kufaka phakathi izinhlelo zokuphendula ezinkingeni ezinkulu, izindawo zangaphandle zomphakathi kanye nezindawo zempilo enhle;
- o Ukuthuthukiswa nokuqeqeshwa kwamabhizinisi amancane aphethwe ngabesifazane abamnyama kanye nentsha anamandla okufaka isandla ngendlela enhle eketangeni lokuhlinzeka le-AfriSam kanye nomkhakha obanzi.

I-AfriSam isiyiqokile iphrojekthi yoKuthuthukiswa Komnotho Wendawo ezosekelwa ngokubonisana noMasipala Wendawo kanye nomphakathi weziMayini. Ukwakhiwa kwesikhungo sokuzilibazisa somphakathi wase-Eastwood Ward 34.

Igama lePhrojekthi: Eastwood Community Sport Field	
Ukwehlukaniswa kwePhrojekthi:	Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda
Isizinda sePhrojekthi	I-Pietermaritzburg Quarry ngokubambisana noMasipala Wendawo waseMsunduzi ikhombe iphrojekthi ezosekela izakhamuzi zaseWard 34 ngenkundla yezemidlalo yomphakathi. Le phrojekthi izosekela izinhloso zikamasipala ngokunikeza ukufinyelela ezikhungweni zokuzilibazisa, ikakhulukazi entsheni nakubantu abanentshisekelo emisebenzini yezemidlalo njengoba kunesidingo sezikhungo zemidlalo nezokuzilibazisa emphakathini wasePietermaritzburg.
Izinhloso zePhrojekthi:	• Ukunikeza umphakathi indawo yokuzilibazisa nezemidlalo ukukhuthaza izinhlobo ezahlukeneyo zemidlalo.
Inqubo yePhrojekthi	NgoJanwari 2024 – kuya kuDisemba 2026 • Qinisekisa ubunikazi bomhlaba lapho kuzokwakhiwa khona iphrojekthi • Vumelanani ngobubanzi bephrojekthi noMasipala waseMsunduzi kanye nabahlomuli bendawo. • Ukuphetha iSivumelwano Sokuvumelana noMasipala waseMsunduzi. • Ububanzi buqinisekisiwe (inkundla yezemidlalo enezinhloso eziningi) • Isigaba sokwakha iphrojekthi • Ukudlulisela iphrojekthi kuMasipala waseMsunduzi.
Okulethwa yiPhrojekthi:	• Amakamelo Okuphumula - Ukuvuselelwa kwamakamelo okuguqula izingubo, anezindawo zokugeza nezokuhlanza • Inkundla ye-Netball - Faka indawo entsha (Ukhonkolo), engeza izimpawu, uthango nesango • Inkundla yebhola lezinyawo eseceleni kwe-5-A, engeza izimpawu, uthango nesango
Umthelela wePhrojekthi:	Ukuthuthukiswa Komnotho Wendawo Ngokuthuthukiswa Kwengqalasizinda Yomphakathi kaMasipala Wendawo waseMsunduzi. Amathuba okudala imisebenzi kanye namakhono adlulisiwe.

Isikhathi Sokuqala Komsebenzi:	Esibekiwe Nesokuphela	Ngo-2025 kuya ku-2026				
Isabelozimali:	R 2, 345, 793					
Iqembu Elihlosiwe/ Abazuzi:	Wadi 34, uMasipala waseMsunduzi		Iphrojekthi kuMphakathi Wendawo:		uMasipala waseMsunduzi	
Inani	Abesilisa	Abeseifazane	Intsha	Abakhubazekile	Inani	
Labazuzi Abathintekayo:	7000	13000	8000	500	20 000	
Inani Lemisebenzi Eyakhiwe:	Ukuhlukaniswa kweMisebenzi	Abesilisa abadala	Abesifazane abadala	Intsha yabesilisa	Intsha yabesifazane	
	15	7	3	4	1	
Usuku lokuqedwa isu lokuphuma	Usuku lokuqeda uDisemba 2026 I-AfriSam izodlulisela inkundla yezemidlalo kumphakathi uma isiqediwe ngokuphelele futhi isetshenziswa ngabazuzi bayo. UMasipala uzoba umgcini walo msebenzi.					

12 UMTHEHO 46 (C) (IV)

Izinyathelo zokubhekana nezimo zokuhlala nezokuhlala zabasebenzi



I-AfriSam (South Africa) (Pty) Ltd (“AfriSam”) izibophezele ekusizeni abasebenzi bayo ukuthi bathole amathuba ezindlu afanele, inhloso nqangi ukuthi babe nemizi. Ukuba umnikazi womuzi kuhlobene ngokuphelele nezidingo zezinsizakusebenza zabantu zokuheha, ukukhuthaza nokugcina abasebenzi abahamba phambili ngomsebenzi futhi abajabulela indawo yokusebenza abakuyo ukuze basebenze kahle kakhulu. Izindawo zokumba imigodi ze-AfriSam ziseduze nezindawo zasemadolobheni futhi abasebenzi banamathuba ezindlini zemakethe evulekile. Asinazo izindawo zokuhlala zamahostela kunoma yiziphi izindawo zethu. Izidingo zezindlu zabasebenzi ziyancunywa futhi zibhalwe phansi ngokulandela ucwaningo olunzulu. Ucwaningo luzosiza ekuqondiseni isu lethu lezindlu. Ngenxa yocwaningo, iNqubomgomo Yezindlu isiyenziwe futhi yavunywa uMphathi oMkhulu (i-CEO) kanye noSihlalo weBhodi.

Izimiso zenqubomgomo ezinqandi:

- 1) Ukubamba iqhaza kwabasebenzi kanye nemfundo;
- 2) Ukubamba iqhaza kukaHulumeni nokwangasese (izikhungo zezimali);
- 3) Ukubamba iqhaza kwabaqashi;
- 4) Ukuhambisana nezindinganiso nemigomo ephansi yezindlu;
- 5) Indlela ehlanganisiwe yezindlu;
- 6) Izinketho zezindlu;
- 7) Ukungabizi;
- 8) Ukusimama;
- 9) Izimali ezizimele.

I-AfriSam ikhuthaza ukuba ngumnikazi womuzi futhi inikeza amathuba alandelayo kubasebenzi:

- Ubunikazi obungasese bendlu ngokuba nebhondi yendlu;
- Uhulumeni usize ubunikazi bezindlu nge-Finance Linked Individual Subsidy Program (FLISP) kubasebenzi abanezimfanelo (lamathuba okukhetha atholakala eNingizimu Afrika KUPHELA);
- Izaphulelo ezintweni zokwakha - Abasebenzi banikezwa isaphulelo sabasebenzi sokuthenga usimende, ukuhlanganisa (ama-aggregate) kanye nemikhiqizo esihlanganisiwe (i-readymix).
- Isibonelelo sendlu esingu-R850 ngenyanga sabasebenzi kusukela ku-H01 kuya ku-H08 (okungekhe ezingeni lokuphatha kanye nokusezingeni eliyisiqalo lokuphatheni). Isibonelelo sendlu sisiza nabasebenzi abangakakulungeli ukuthenga indlu ukuthi bathole izimpahla zokuqasha ezitholakala emakethe.
- I-AfriSam ingene kwisivumelwaneni seSikimu Sezindlu Zabasebenzi ne-FNB ngezinzuzo okuxoxiswene ngazo ezitholwa abasebenzi be-AfriSam. Lolu hlelo lwaqalwe ngo-Agasti 2022. Isikhwama Sokuhlizeka Ngezibonelelo (i-provident fund) sisekele imali mboleko yezindlu

Nge-ASI Wellness Solutions, i-AfriSam inikeza uhlelo lokusiza abasebenzi oluhlanganisa ukuphathwa kwezimali zomuntu siqu sakhe kanye nokwelulekwa ngezikweletu ukusiza abasebenzi ngokuphathwa kwezimali zabo.

13. UMTHETHO 46 (C) (V)

Izinyathelo zokubhekana nokudla okunempilo kwabasebenzi



- a) Amahora okusebenza angamashifti okusebenza ajwayelekile futhi ezimweni zesikhathi esengeziwe esingahleliwe ukudla kuyanikezwa uma lawo mahora esikhathi esengeziwe edlula ku-19:00.
- b) Izingxoxo zolwazi ngokudla okunempilo zizokwenziwa nguMhlengikazi Wezempilo Yomsebenzi ngezikhathi ezithile.
- c) Ngesikhathi sezokwelapha, uMhlengikazi Wezempilo Yomsebenzi uzosiza ngezeluleko zokudla okunempilo ukunakekela izifo ezingamahlalakhona.
- d) Uma kwenzeka ubandanyeka ekucindezelekeni kokushisa, nokho okungajwayelekile, sinikeza abasebenzi izithako zokubuyisela amanzi emzimbeni.

14. UMTHEHO 46 (C) (VI)

Uhlelo Lokuqhubekela Phambili Lokuthengwa Kwempahla kanye nokusetshenziswa kwalo ezinkampanini zaka-HDSA okuqondene Nezimpahla Nezinsizakalo Zezimayini



14.1 Uhlolajikelele lokuthengwa kwempahla

Umbono we-AfriSam wohlelo lokuthenga izimpahla ukufeza ukuthengwa kwezimpahla okusezingeni lomhlaba kulo lonke iQembu nokuqinisa izindleko kanye nobuholi bemakethe. Ukuthengwa kwezimpahla ngaphakathi kwenkampani kuqukethe yonke imisebenzi yokuthengwa kwezimpahla evela eceleni (kumuntu noma imboni yesithathu) emazingeni wokusebenza ukuqinisekisa ukuthi izindleko eziphelele zobunikazi ziphansi kakhulu.

I-AfriSam isebenzisa inqubo yokuthenga ejwayelekile ephethwe yiqembu lonke ngokubambisana nabaphakeli kuzo zonke izigaba ukuze kuthuthukiswe izinsizakusebenza kanye nemisebenzi ngokusebenzisa amahhovisi okuthenga ahlanganisiwe, esifunda kanye nawasendaweni.

Le nkampani inemali esetshenzisiwe yonyaka eyizigidigidi ezingu-4.2 kanye nabaphakeli abangaba ngu-1900, okungu-98% wabo obalwa ngezinqubo zokuthenga ezijwayelekile eziphethwe ngaphakathi kwenkampani. U-61% wemali esetshenzisiwe iyonke imbozwe yisivumelwano samanani noma inkontileka futhi ibhekwa njengemali esetshenzisiwe elinganisiwe.

Ngenxa yobuchwepheshe bebhizinisi, i-AfriSam ithole izigaba ezahlukene zabaphakeli bazo zonke izimpahla nezinsizakalo ezithengwayo, okuyilokhu:

- Abahlinzeki bamasu - (Abahlinzeki ababalulekile bezimpahla ezibalulekile kanye nezinsizakalo ezinezibopho zenkontileka zesikhathi eside);
- Abathuthi - (Imikhumbi enegama kanye nabasebenzisana nabo benkampani yangaphandle abaletha imikhiqizo eyahlukahlukeni kumakhasimende e-AfriSam kanye nokuthutha izinto ezingenayo);
- Abakhiqizi Bezimpahla Ezithuthwayo;
- Abahlinzeki Bendawo - (Abahlinzeki abaseduzane lapho i-AfriSam isebenza khona kulo lonke elaseNingizimu Afrika. I-AfriSam isekela inqubomgomo yokusebenzisa imali kanye nokutshalwa kwezimali kwendawo emiphakathini yendawo); kanye
- Abahlinzeki bokungenisa impahla

Imisebenzi yokusekela yangaphakathi yeNkampani yayo yonke imisebenzi etholakala esikhungweni sezinsizakalo ezihlanganyelwe eHhovisi Eliyinhloko. Imininingwane yedatha ye-SAP Master iphathwa esikhungweni sezinsizakalo ezihlanganyelwe futhi ihlala ivuselelwe. Yonke imibiko ehlobene ne-BEE ijwayelekile futhi ithathwe kule database yemibiko ephakathi, yesifunda kanye neyezitshalo.

Ngenxa yokuthi ingxenye yebhizinisi le-AfriSam iwela ngaphansi kwemibandela ye-Mining Charter, i-AfriSam iyadingeka ukuthi igcine izinhlelo kanye nemibiko ukuze ilinganise inqubekela phambili ekuguqulweni kwesimo sayo kanye nesabaphakeli.

14.2 Ukusebenza komhlinzeki, ubudlelwano kanye nemivuzo

Izivumelwano Zezinga Lokuphakelwa Nokuhlinzeka Ngezinsizakalo (ama-SSLA) ziqashelwa njengezindlela ezibalulekile zokwenza ubudlelwano bube semthethweni nabaphakeli ababalulekile bezwe nabasekhaya. Ukusebenzisana kanye nokuthembelana okudalwe kuzothuthukisa imithombo eqinile yokuphakelwa kwe-AfriSam kanye nemakethe eqinile yabaphakeli. Inhloso ukwakha ubudlelwano nabaphakeli ngokusekelwe ekulungeni nasekuhlonipheni, okuholela ekwenzeni ngcono uchungechunge lwenani elihlanganyelwe kanye nokuqondisa nokusiza abaphakeli enkambisweni yokuguqulwa.

Ekuphishekeleni ukusungula imithombo eqinile nethembekile yokuphakelwa, inkampani isebenzise uhlelo lokuhlola abaphakeli lwabaphakeli ababalulekile abanamasu nabasendaweni, lolu hlelo okwamanje lubukezwa futhi luzoqedwa ngo-Q4 2022.

14.3 Ukuthengwa kwempahla okunenzuzo

I-AfriSam isekela ukuthengwa kwempahla okunenzuzo njengendlela yokuguqula ezomnotho kanye nokuhlomisa abantu abamnyama ngokwezomnotho (B-BBEE). Lonke uchungechunge lokuhlinzeka lunokuqonda okuvamile nokuthenga okuphoqelekile kokuguqulwa. I-AfriSam izibophezele ekusekeleni nasekukhuliseni ukunikezwa amandla kwezomnotho kwabamnyama (i-B-BBEE) kanye namabhizinisi amancane, amancane naphakathi (ama-SMME) eNingizimu Afrika ngokugcizelela ekuthengeni ezinkampanini ezinikwe amandla. Le nkampani izibophezele ekusebenzeni nabaphakeli bayo abakhona ukuvumela ukuguqulwa kwabo, kanye nokuthengwa kwemikhiqizo nezinsizakalo kubaphakeli abasha abafaka izimiso zokuguqulwa.

Ngokusebenzisa amandla ayo okuthenga, i-AfriSam ibe neqhaza elikhulu ekuthonyeni abaningi babahlinzeki bayo ukuthi bakhiqize amakhadi abo okuhlola i-B-BBEE futhi bawahambise ukuze kuqinisekise isimo sabo se-B-BBEE. Inani leziqinisekiso ezintsha zokuqinisekisa kanye nokuthuthuka kwesilinganiso sokuthengwa kwempahla okunconywayo kweqembu kukhombisa ukuthi abahlinzeki banokuqonda okungcono ngesimo sabo futhi bangathatha izinyathelo ezengeziwe zokuthuthukisa izilinganiso zabo. Le nqubo izophinde ithuthukiswe ngokuthola izibopho kubaphakeli maqondana namasu abo okuguqula. Lokhu kuzokwenza iQembu likwazi ukulandelela lezi zibophezelo ezenziwe futhi liqinisekise ukuqaliswa kwazo. Lapho abahlinzeki bengakhombisi ukuzibophezela kwinqubo yokuguqulwa, iQembu lizohlola ithuba lokufaka abahlinzeki abahambisanayo.

Ukuze ukuguqulwa ngaphakathi kokuthengwa kwempahla kube nokusimama, amanani namazinga ezinsizakalo kudingeka abe nokuncintisana. Ngakho-ke i-AfriSam isiza abahlinzeki bayo ukuba babe nokuncintisana ngokusebenzisa izinqubo zokuqhathanisa nokuthengwa kwemikhiqizo yasendaweni nezomhlaba wonke lapho konke ukunikezwa kwabahlinzeki kuhlolwa khona ngokususelwa ku-Total Cost of Ownership (TCO), kufaka phakathi izinga lomnikelo we-BEE, intengo, insizakalo, ukuphepha kanye nekhwalithi.

Imigomo ehlucahlukene ye-B-BBEE ibekwa minyaka yonke ngesisekelo sikazwelonke senkampani futhi ihlukaniswe nemigomo yezifunda ezahlukahlukene zokuthengwa kwempahla. Imisebenzi ehlucahlukene ngaphakathi kwezifunda idala izinhlelo zokusebenza zabahlinzeki bendawo ngaphakathi kwemisebenzi ehlucahlukene ukuze lezi zinhloso zesifunda.

Izenzo ezilandelayo ezibalulekile seziqalisiwe ezingeni leqembu ukuqhubela phambili ukuthuthukiswa kokuthengwa kwempahla okunconywayo kwe-AfriSam:

- Ukuqokwa koMphathi Wezokuthengwa Kwezimpahla Kazwelonke ukulawula nokwenza ngcono ukuqondanisa umsebenzi wokuthengwa kwempahla
- Ukuqokwa koMphathi Wezokuthengwa kwempahla ukuze asize ngamasu endawo ezifundeni
- Ukuqokwa kochwepheshe beTender kanye namaContracts ukuze alekelele futhi apha the wonke amathenda eQembu
- Ukushintshwa kweNqubomgomo Yokuthengwa kwempahla ukuze kufakwe izidingo zomthetho omusha - Kuqaliswe ngesikhathi se-Q4 ka-2022
- Ukuqaliswa kwezinqubo zethenda eziwayelekile ukuze kufakwe izilinganiso zezindleko vs ze-BEE
- Kukhethwa kakhulu abaphakeli abane:
 - I-BEE yezinga eliphansi lika-4 kanye
 - Nobunikazi obulinganayo bezabelo obungaphezu kuka-25%
- Imigomo Yokukhokha Ejwayelekile yabaphakeli abahlangabezana nezindinganiso ezingenhla yizinsuku ezingama-30 kanti Abaphakeli abanezinga lesi-5 noma ngaphezulu bathuthelwe ezinsukwini ezingama-45 ukuze bakhuthaze futhi bakhuthaze Uguquko.
- Ukugxila okukhulu ekwenzeni ibhizinisi nezinkampani ezinobunikazi bamasheya obungu-51% nangaphezulu kanye nezinkampani ezinobunikazi babesifazane abamnyama obungaphezu kuka-30%
- Inqubomgomo ebuyekeziwe izogxila nasekunikezeni ukukhetha izinkampani ezinobunikazi babesifazane nentsha obungu-51% okungenani ngokwezidingo ze-Charter entsha.
- Ukushintsha abathengisi abangenazo izitifiketi ze-B-BBEE ezisemthethweni noma ukukhombisa ukuthuthukiswa kobunikazi nabathengisi abahlangabezana nezidingo eziphansi
- Ukuthola izimpahla eziqondiwe kubalingani bebhizinisi abaphethwe ngabantu abamnyama kube yinto ebalulekile
- Ukusheshisa ukuguqulwa kwabathuthi - amaphrojekthi athile esifunda.
- Imihlangano yolwazi eqhutshwa kuzo zonke izifunda zabahlinzeki bamanje nabangaba khona kanye nabasebenzi be-AfriSam.
- Ukusebenzisa Uhlelo Lokuthuthukiswa Kwamabhizinisi ukusiza osomabhizinisi ekukhuliseni amabhizinisi abo kanye nokuthuthukisa abaphakeli abasha be-SMME be-AfriSam.
- Kuhlelwe eminye imihlangano yokufundisa abaphakeli eyenzeka njalo ngo-2023 ukusiza abaphakeli ukuthi baqonde kangcono umthetho we-B-BBEE kanye nezidingo njengoba kuchazwe kuMqulu Wezimayini 3.

Ithebula 34: Umthetho-sisekelo Wezimayini 3 Okuhlosiwe - 2023 - 2027

Isigaba	Incazelo	Isisekelo Esihlosiwe	2023 Okuhlosiwe	2024 Okuhlosiwe	2025 Okuhlosiwe	2026 Okuhlosiwe	2027 Okuhlosiwe
IZIMPAHLA ZEZIMAYINI	Izimpahla Ezikhiqizwayo zaseNingizimu Afrika	70%	> 70%	> 70%	> 70%	> 70%	> 70%
	Inkampani Ebuswa Futhi Ephethwe Abantu Abangenayo Emlandweni (51% BO)	21%	> 21%	> 21%	> 21%	> 21%	> 21%

IZIDINGO	Inkampani Ephethwe futhi ilawulwa Abesifazane 51% WO	5%	5%	>5%	>5%	>5%	>5%
				OR			
	Inkampani ephethwe futhi ilawulwa yintsha - 51% Phakathi kweminyaka engu-18 nengu-35)	5%	5%	>5%	>5%	>5%	>5%
	I-BEE Compliant Company (Level 4 kanye nama-26% aphethwe ngabantu abahlwempu ngokomlando)	44%	44%	>44%	>44%	>44%	>44%
	Izinkampani Ezizinze eNingizimu Afrika	80%	> 80%	> 80%	> 80%	> 80%	> 80%
	Izinkampani Ezilawulwayo Neziphethwe Abantu Abangenayo Emlandweni (51% BO)	50%	> 50%	> 50%	> 50%	> 50%	> 50%
	Inkampani Ephethwe futhi ilawulwa Abesifazane (51% WO)	15%	9%	12%	15%	>15%	>15%
	Inkampani ephethwe futhi ilawulwa yintsha (51% Phakathi kweminyaka engu-18 nengu-35)	5%	5%	>5%	>5%	>5%	>5%
	I-BEE Compliant Company (Level 4 kanye nama-26% aphethwe ngabantu abahlwempu ngokomlando)	10%	> 10%	> 10%	> 10%	> 10%	> 10%
	Izindleko Zokucwaninga Nokuthuthukisa	70%	> 70%	> 70%	> 70%	> 70%	> 70%

Ukuhlaziywa okwenziwa ezikhungweni eziseNingizimu Afrika	100%	> 100%	> 100%	> 100%	> 70%	> 100%
---	------	--------	--------	--------	-------	--------

14.4 Uhlelo Lokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Nabahlinzeki

I-AfriSam ibheka ukuthuthukiswa kwamabhizinisi njengengxenywe ebalulekile yokukhuthaza nokukhuthaza ukuthuthukiswa kwama-SMME amnyama eNingizimu Afrika. I-AfriSam iyayisekela ngokuqinile, futhi izibheka njengomdlali obalulekile we-National Ajenda ekukhuthazeni umkhakha wama-SMME ochumayo ikakhulukazi ezindaweni lapho iNkampani isebenza khona.

Inselelo isese ukukhulisa ukubamba iqhaza kwabesifazane nentsha ochungechungeni lokuhlinzeka, ngakho-ke iNkampani ithuthukisa uhlelo lokuthenga nokuthuthukisa abaphakeli bendawo olunobuciko nolusebenzayo ukuze kunqotshwe le nselele. Lolu hlelo kufanele lusize ekwandiseni ukusetshenziswa kwemali emiphakathini yendawo okuholela emnothweni othuthukisiwe kanye nomsebenzi emiphakathini eseduze nemisebenzi ye-AfriSam.

I-AfriSam iyazazi izinselelo ama-SMME abhekene nazo ekwenzeni ibhizinisi ngaphakathi kwezezimayini nakwezinye izimboni ezifana ne:

- Ukuntuleka kwamakhono afanele phakathi kwamabhizinisi endawo
- Ukuntuleka kwemali kanye nemishini edingekayo
- Ukufinyelela ezimakethe ezengeziwe zokukhulisa ibhizinisi

Uhlelo Lokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Nabahlinzeki luzohlose ukufeza umgomo wesikhathi esifushane kanye nowesikhathi eside:

- Indlela yesikhashana igxile kuma-SMME asekelwe emiphakathini angabaphakeli abakhona noma abaphakeli abangaba khona. Inhloso yaleli qembu eliqondiwe ukwandisa amakhono abo kanye namandla ngaphandle kokuthinta kabi amazinga okuphepha noma izidingo zekhwalthi yokusebenza. I-AfriSam izonikeza ama-SMME ukuqeqeshwa kwamakhono ebhizinisi ayisisekelo, futhi ibasize ukuqinisekisa ukuthi amabhizinisi abo ahambisana nazo zonke izidingo zomthetho.
- Inhloso yesikhathi eside kuzoba ukwandisa ukuncintisana nokuthuthukisa ukufinyelela kwezinye izimakethe zesifunda nezesizwe ngaphandle kwe-AfriSam. Ama-SMME azonikezwa ukuqeqeshwa, ukuqinisekisa ukuthi asebenza kahle ezinkontilekeni zawo zamanje kanye nokuwalungiselela izimakethe ezintsha ezingaba khona. Usizo lwezezimali luzonikezwa abaphakeli abakhona ngemuva kwenkontileka yesikhathi eside ne-AfriSam. Ukudalulwa kwemakethe kuzonikezwa amabhizinisi alungele imakethe nokukhula.

15 UMTHETHO 46 (D) (I)

Ukusungulwa kweForamu Yesikhathi Esizayo



15.1 Isingeniso

I-Future Forum iyindikimba yokuphathwa kwabasebenzi egxile ekuqalisweni nasekuqapheni uhlelo lwezenhlalo nezabasebenzi. Isakhiwo se-Future Forum sikhona ukuze kube lula izinqubo zokubonisana ukuze abaphathi bemigodi, abasebenzi kanye nabameleli bezinyunyana abaziwayo bakwazi ukuhlangana njalo ngekota ukuze baxoxe ngezinkinga zasemsebenzini. Sihlinzeka ngethuluzi elisemthethweni lapho bonke abantu abathintekayo bengabonisana futhi baxoxe ngezinselelo kanye nezixazululo ezingaba khona zezinkinga ezibhekene nemigodi ezingase zibe namandla okuholela ekudilizweni okungenzeka esikhathini esizayo.

15.2 Amasu nezinhlalo

I-Future Forum isungulwe yi-Pietermaritzburg Quarry futhi inezinhloso ezilandelayo:

- ukubonisana nokuthatha izinyathelo zokugwema ukulahlekelwa yimisebenzi emikhulu;
- ukunciphisa umthelela wezenhlalo nowezomnotho wokulahlekelwa yimisebenzi;
- ukulindela amathuba okulahlekelwa yimisebenzi nokuqalisa izinhlelo zesikhashana;
- ukunikeza isixwayiso ngesikhathi kubantu abathintekile ukuze bathuthukise amathuba abo okuthola eminye imisebenzi;
- ukuxoxa ngemikhuba nezinselele zembali njalo; nokwazisa uMnyango Wezabasebenzi ngezinhlalo uma abasebenzi abangaphezu kuka-10% bengadilizwa emsebenzini ngonyaka owodwa.

16 UMTHETHO 46 (D) (II) AND (III)

Izindlela zokugwema ukulahlekelwa yimisebenzi kanye nokwehla kwemisebenzi



16.1 Isingeniso

Isinyathelo esiqondile nesifanele kakhulu ukukwenza wukuthi iNkampani ne-Pietermaritzburg Quarry zisize abasebenzi abangase baxoshwe ukuthola eminye imisebenzi.

16.2 Amasu nezinhlalo

TamaHhovisi Esifunda seKampani eKwaZulu-Natal azokwakha amasu okuphathwa ukuze kwethulwe izinyathelo ezingavimbela ukulahleka kwemisebenzi uma kwenzeka izimo ezisongela umsebenzi oqinisekisiwe.

Kuzolandelwa ezinye izinqubo lapho izimo zomnotho ezikhona zibangela ukuthi isilinganiso sokuzuzakuholo le-Pietermaritzburg Quarry sehle ngezansi kuka-6% ngokwesilinganiso esihlala njalo izinyanga eziyi-12. Lezi zinqubo zizofaka phakathi:

- izingxoxo – inqubo yezingxoxo ngokwemigomo Yesigaba 52 (1) YoMthetho;
- ukusebenzisa Isigaba 189 soMthetho Wezobudlelwano Bezabasebenzi, 1995 – inqubo yokusebenzisa Isigaba 189 soMthetho Wezobudlelwano Bezabasebenzi, 1995;
- ukwazisa iBhodi leZimayini Nezintuthuko Zemigodi – inqubo yokwazisa leli Bhodi ngokwemigomo Yesigaba 52 (1) (a) YoMthetho; kanye
- ukuhambisana nomyalelo weNgqongqoshe – ukuhambisana nomyalelo weNgqongqoshe nokuqinisekisa ukuthi izinyathelo zokulungisa zizothathwa.

16.3 Izimiso Nezindlela

Inkampani izosebenzisa lezi zimiso ezilandelayo maqondana nokulahlekelwa imisebenzi nokuncishiswa:

- ukuphepha komsebenzi kubaluleke kakhulu kubasebenzi kunalokho ukuziphatha kwabo kwansuku zonke okungase kukhombise. Ukungabi nakho kudala ukukhathazeka okuningi. Ukugwema ukususwa emsebenzini lapho kungenzeka khona nokubhekana nokubuyiselwa kokuzinza emva kwalokho kubalulekile ekubuholini
- ukuhwebelana kabusha kwabasebenzi abanolwazi lokuncintisana, amakhono ambalwa kanye nokuziphatha okuvelele emsebenzini kubaluleke kakhulu enkampanini. Noma kunjalo, ubuhle bokushintsha okusheshayo okuqhubekayo emikhakheni yezimakethe, ubuchwepheshe namathuba kuphoqa wonke umuntu ukuthi avume ukuthi ukuqashwa okuqinisekisiwe kuze kube yilapho eseyothatha umhlalaphansi akunakwenzeka;
- esikhundleni sokuqashwa okuqinisekisiwe, abaqashi abakhethwayo banikezela ngezokuthuthukiswa komuntu kanye nokwabelana kwabasebenzi ngokukhetha kwabo mayelana nokufunda okuqhubekayo ukuze babe namakhono aphahekayo ngaso sonke

isikhathi ukuze bakwazi ukubhekana nezidingo zoshintsho oluqhubekayo emhlabeni womsebenzi; kanye

- d) nokuzethemba ekuphatheni kugcinwa kuphela ngesikhathi sokwehliswa kwabasebenzi uma ukukholelwa ekwazini kwebhizinisi, ubulungiswa kubantu kanye nokuxhumana okuthembekile, okucacile kugcinwa kukhona.

17 UMTHETHO 46 (D) (III)

Izindlela zokuhlinzeka ngezixazululo nezinhlelo ezihlukile zokwakha imisebenzi kwezokuphepha lapho ukulahlekelwa imisebenzi kungagwemeki



17.1 Isingeniso

Izinto ezihlanganisiwe zibhekana nomthelela wezomnotho ojikelezayo, ngakho-ke kulindeleke ukuncishiswa kwezisebenzi ngezikhathi ezithile. Isimo samanje semboni sinzima ezimbonini zemayini nezokukhiqiza:

- a) Akukho, noma kuncane ukukhula embonini
- b) Ukwanda kokuncintisana emakethe maqondana nabangena emakethe abasha
- c) Akukho ukuthuthukiswa kwesikhungo okusheshayo

Izinselelo zomkhakha zinomthelela ocacile ebhizinisini kulo mkhakha, kodwa i-AfriSam ibike ukusingatha lezi zinselelo ngempumelelo iminyaka eminingi ngokusebenzisa izinqubo nezakhiwo ezihlelwe kahle ukuze:

- a) kugwemeke ukuncishiswa kwabantu emsebenzini
- b) Kugwemeke ukuvalwa kwezindawo zokukhiqiza eziyinhloko

Ngenxa yezinselelo zamanje zemakethe i-AfriSam kungenzeka idinge ukubukeza izakhiwo esikhathini esizayo.

Eizameni yethu yokuqinisekisa umsebenzi noma yikuphi ukubuyekeza kwezakhiwo kuzokwenziwa ngendlela enesibopho ukuze kugwemeke noma kuncishiswe ukulahleka kwemisebenzi ngokubandakanya bonke ababambiqhaza futhi sisebenzisa zonke izindlela esinazo.

Izindlela ezilandelayo zikhona ukuvimbela ukulahleka kwemisebenzi kanye nokwehla kwemisebenzi okuxoxwa kabanzi ngakho kulomqulu okuphathwa ngohlelo oluchaziwe, oluhlelekile kanye nobambiswano nozakwethu bezempilo abangochwepheshe abangaphandle:

- a) Izinkundla zesikhathi esizayozimi ngomumo endaweni ngayinye yezimayini, futhi imihlangano yenzeka njalo ngekota
- b) Inqubo yokunciphisa abasebenzi igxile ku
 - I. Inqubo Yokubonisana
 - II. Ukwelulekwa ngabanye
 - III. Izinyathelo zokugwema ukuncishiswa kwabantu emsebenzini
 - IV. Ukudluliselwa ngaphakathi

- V. Usizo olunikezwa abasebenzi abathintekile ekusikweni kwemisebenzi ngokuxhumana nezinkampani zasendaweni ukuze bafune imisebenzi ehluke ngaphandle kwenkampani
- VI. Amathuba okuthuthukiswa kwamabhizinisi/amakhono/amakhono aphahekayo okuqeqeshwa avumela abasebenzi abathintekayo ukuba baqhubeka besebenza ngokomnotho
- c) Ukudluliselwa kwabasebenzi njalo kuyindlela ekhethwayo kunokulahlekelwa wumsebenzi. I-AfriSam iqukethe izindawo eziningana zebhizinisi ngaphandle kwemayini okungukuthi ukuthengisa nokumaketha, izokuthutha, usimende, isu nokuthuthukiswa, izinsizakalo zobuchwepheshe kanye nokuxubana okulungile. Lezi zigaba zihlala zicatshangwa uma kuziwa ekudluliseni abasebenzi.
- d) Ukuthuthukiswa kwamakhono
- I. Ukuthuthukiswa kwekhono okuqhubekayo kuyingxenye yohlelo lokuthuthukiswa komuntu siqu lwabasebenzi ngabanye
 - II. Ukuthuthukiswa kwamakhono kuhlobene nokuthuthukiswa nokwandiswa kwamakhono adingekayo emsebenzini owenziwa ngumsizi kanye nokuthuthukiswa kwamakhono ezobuchwepheshe/ezokusebenza ukuze kuthuthukiswe umsebenzi futhi kuhlale kusebenzeka ngokwezimali
 - III. Izinhlelo zokuthuthukisa zihlanganisa ukuqeqeshwa kwezokuphepha, ukuhambisana nemithetho, IT, ubuchwepheshe, izisebenzi, ukuphatha, kanye namakhono obuholi
 - IV. Ukuqeqeshwa kwamakhono aphahekayo okunikela amathuba omsebenzi ozimele
 - V. Ukuhlolwa ngaphakathi kusetshenziswa njengethuluzi lokuhlola ikhono lomsebenzi ukuthi angafundiswa kabusha ukuze asebenze emsebenzini ohlukile engxenyeni yebhizinisi njengohlukile kwezimayini
 - VI. Ukuhlelwa kwamandla omsebenzi okuyindlela esunguliwe yenkampani yokuphatha izidingo zabasebenzi ngokulawula inani labasebenzi lapho kungase kwenziwe khona ukuvinjelwa kokuqashwa kwabantu abasha okwenza kube lula ukuhlela kabusha abasebenzi abakhona

Uma ukulahlekelwa yimisebenzi kungagwemeki emva kokuhlola izixazululo ezihlukahlukene, abaphathi basenkwalini bazoxhumana nabamele abasebenzi noHulumeni ukuqinisekisa ukuthi inqubo iphethwe kahle, ukuthi imiphumela yayo iyancishiswa nokuthi izinyathelo ezilandelayo zingathathwa:

- a) sebenzisa indlela yokumisa ukuqokwa/ noma ukuqasha kwangaphandle;
- b) nikeza amaphakheji okuhlukanisa ngokuzithandela;
- c) nikela abasebenzi umhlalaphansi wokushesha;
- d) faka abasebenzi kabusha kwezinye izinxenye zenkampani lapho kungenzeka; futhi
- e) dala umsebenzi ngemuva kwezimayini lapho ukulahleka kwemisebenzi kungagwemeki.

17.2 Isu nezinhloso

Lapho i-quarry izoncishiswa (nomphumela ongaba khona wokulahleka kwemisebenzi) noma lapho ukumbiwa kwemayini kuzophela, kuzolandelwa izinqubo ezilandelayo:

- a) ukubonisana - inqubo yokubonisana ngokusho kwesigaba 52 (1) soMthetho;
- b) ukusebenzisa iSigaba 189 soMthetho Wezobudlelwano Bomsebenzi, 1995 - inqubo yokusebenzisa iSigaba
- c) ukwazisa uMkhandlu Wezokuthuthukiswa Kwezimbiwa Nokumbiwa Kwezimayini - inqubo yokwazisa uMkhandlu ngokweSigaba 52 (1) (b) soMthetho; kanye

d) ukuxhumana ngokuncishiswa okungenzeka - kuzolandelwa isu lokuxhumana eliphumelelayo:

- i. ukwazisa abasebenzi ngokuncishiswa okungase kwenzeke;
- ii. ukwazisa abanye abathintekayo (izindawo ezithumelayo, omasipala, njll.) mayelana nokuncishiswa okungase kwenzeke emsebenzini; kanye
- iii. ukwazisa amaqembu angaphandle (abezindaba, njll.) mayelana nokuncishiswa okungase kwenzeke emsebenzini.

17.3 Izingqubo

Lezi zinyathelo ezilandelayo zisebenza njengesiqondiso seNkampani lapho izidingo zokusebenza zibangela ukudilizwa kwemisebenzi kanye nokwehliswa kwabasebenzi kuyadingeka ngokwemibono yebhizinisi:

- a) inhloso yokunciphisa izisebenzi;
- b) ukudalulwa kolwazi;
- c) ukuqala kokubonisana;
- d) ukubonisana mayelana nokugwema ukuxoshwa;
- e) ukuhlengana ukuze kuqinisekise imisebenzi eyengeziwe;
- f) ukubonisana mayelana nezindinganiso zokukhetha;
- g) ukuhlonza izindawo zokuphumula;
- h) ahlengane nabasebenzi abathintekayo; futhi
- i) ukwelulekwa komuntu siqu.

Izithakazelo zeNkampani zizovikelwa ngenkathi zihambisana nezidingo zomthetho futhi zihlangabezane nezidingo zenhlalo nezomnotho zalabo bantu abashiya kanye nalabo abaqhubeka besebenza.

17.3.1 Ukwelulekwa Komuntu Siqu Sakhe

Ukwelulekwa kwezinga eliphakeme kubhekise ekwazisweni kwamaqiniso, ukuchazwa kanye nokusingathwa kwemibuzo yabasebenzi ngabaphathi esimweni seqembu, kanti ukwelulekwa kwezinga elincane kungabandakanya isisebenzi esisodwa noma iqembu elincane elinenkinga ethile okumele ixazululwe.

17.3.1.1. IZINGA LE-MICRO

Ukwelulekwa komuntu ngamunye kuyohlinzekwa ukuze kuhlengatshezwane nezidingo ezingokomzwelo futhi kusetshenzwe emizweni engase ihluke kakhulu kubantu ngabanye ngokuphathelele nokuhlukumezeka nokungaqiniseki ngekusasa labo okumelwe abasebenzi babhekane nakho. Izingxoxo zamaqembu kanye nokwelulekwa ngaphansi kokuqondiswa ochwepheshe ukubhekana nalokhu okungenhla kungenza lula inqubo futhi kuzokwakha izinhlelo zangaphakathi zokusekela.

Abasebenzi abathintekayo kulolu hlelo lokunciphisa izisebenzi bazonikezwa ithuba lokuya emihlanganweni yokwelulekwa nomhlinzeki woHlelo Lokusiza Abasebenzi ukuze bakwazi ukubhekana nezimo ezingokomzwelo zokunciphisa izisebenzi ezingase zivele.

Ukwaziswa okuyiqiniso kungasatshalaliswa ezingeni elincane noma elikhulu, kuye ngezidingo nezimo zomkhaya. Ulwazi oluthile oludingekayo lubandakanya:

- a) imibandela yokuncishiswa kanye nokwelulekwa kwezezimali okuvela ku-HR Administration;

- b) izimo eziqondile nezibucayi zomuntu siqu ezizodala ubunzima abaphathi okungenzeka ukuthi bebengakwazi ngabo kuze kube manje;
- c) Izinketho zoHlelo lwezinzuzo, kubandakanya ezokwelapha nezokuthatha umhlalaphansi kanye nezindaba ezihilelekile ekukhetheni okumele kwenziwe;
- d) imininingwane ephathelene nanoma yiziphi izinzuzo ezifana nekhetho, ukuqeqeshwa, njll. ;
- e) kanjani futhi kuphi ukufaka isicelo se-UIF?
- f) izinzuzo kufanele zilinganiselwe futhi abasebenzi kufanele baziswe ukuthi amanani aqondile anganikezwa kuphela uma usuku lokuyeka kanye nemininingwane yokugcina isiqinisekisiwe;
- g) abasebenzi abahlala ezindlini zeNkampani kufanele bahlele ukufuduka kwabo nezindawo zokuhlala ezihlukile;
- h) yiziphi izinsiza ezitholakalayo zokweluleka nezinye izidingo? futhi
- i) isikhathi lapho usizo luzonikezwa khona yiNkampani.

17.3.1.2 IZINGA LE-MACRO

Ukuhlelwa Kabusha Enkampanini

Kuzochazwa inqubo yangaphakathi yokuqashwa kabusha futhi kunikezwe isiqondiso sokwenza izicelo zomsebenzi. Abaphathi ngeke bazame ukuhlela kabusha isisebenzi ngaphandle kokubandakanyeka kwaso kusengaphambili kodwa bazokhathalela ukufeza ukuhlela kabusha okwanelisa ngangokunokwenzeka kokubili isisebenzi kanye nebhizinisi.

Imisebenzi Yesikhathi Esizayo Yezisebenzi Eziphumayo

Usizo lunganikezwa kubasebenzi abathintekayo ngokuncishiswa ngokusebenzisa ukuxhumana nezinye izinkampani zendawo ukuze bafune eminye imisebenzi ngaphandle kweNkampani. Lokhu kuzoqalwa umphathi wesisebenzi ngokusebenzisa uchwepheshe we-HR.

Amathuba okuqeqeshwa kwezamabhizinisi/ukuqeqeshwa kwamakhono okuvumela abasebenzi abathintekayo ukuthi bahlale besebenza ngokwezomnotho kuzobhekwanawo.

Abasebenzi Abasele

Wonke umuntu eNkampanini angabona ukuthi umsebenzi wakhe usengozini ngesikhathi sokuhlehliswa komsebenzi futhi ukuxhumana nalabo abangabekelwe eceleni noma labo abasusiwe ohlwini ngesikhathi sokuhlehliswa komsebenzi kubalulekile ekuqiniseni isimo somsebenzi ngemuva kokuhlehliswa komsebenzi.

Ukuvumelana kwezokuxhumana kwabaphathi, kanye nokubonakaliswa kwangempela nokuthembekile kokunakekelwa kweNkampani kanye nobuqotho bezinqumo kunikeza izinselelo ezithile zobuholi okumele kuhlangekshwane nazo ngezikhathi ezinzima ukuze isimo somqashi ozikhethelayo singonakaliswa.

18 UMTHETHO 46 (D) (IV)

Izindlela zokuthuthukisa umthelela wezenhlalo nezomnotho kubantu ngabanye, ezifundeni nasemnothweni lapho ukuncishiswa noma ukuvalwa komgodi kuqinisekile



17.4 Isingeniso

Ukuhlela ukuvala nokwehlisa umsebenzi kwenzeka kulo lonke ijika lokuphila le-Pietermaritzburg Quarry. Uma sekuvalwa, umhlaba lapho kwenziwa khona inkwali uzophinde ubuyiselwe esimweni futhi wenziwe ufanele imisebenzi engahluka kusukela kwezemidlalo nakwezokuvakasha kuya ekuthuthukisweni kwamabhizinisi endawo. Kuzo zonke izakhiwo, ukuqinisekiswa kuzofunwa kuMasipala waseMsunduzi ukuze kuqinisekise ukuthi noma bona noma umthuthukisi ozimele bazimisele ukuthuthukisa lesi sikhungo. Amaphrojekthi, ngokubambisana noMasipala waseMsunduzi, azokwakhiwa ngaphambi kokuvalwa ukuqinisekisa ukusetshenziswa komhlaba okungcono, okusimeme. I-Pietermaritzburg Quarry izoba nengxoxo ngaphakathi kwe-Local Economic Development Forum ukuchaza ukusetshenziswa okuhle kwezinsiza ngemva kokuvalwa, ukuze kuqinisekise ukuthi izakhiwo ezingase zisetshenziswe umphakathi azibhidlizwa nje kuphela.

17.5 Isu nezinhloso

I-Pietermaritzburg Quarry izokwenza umzamo wonke wokunciphisa umthelela wezenhlalo nowomnotho kubantu ngabanye, ezindaweni nasemnothweni lapho ukuhoxiswa kwemisebenzi nokuvalwa kwezimayini kuqinisekisiwe. Lezi zinhlelo zizogxila ku:

- a) izinsizakalo zokuhlola nokwelulekwa zabantu abathintekayo;
- b) uqeqesho oluphelele lokuzisebenzela kanye nezinhlelo zokuphinde uthole umsebenzi; and
- c) ukuqeqeshwa kwamakhono aphahekayo.

17.6 Ukuqeqeshwa kwamakhono okuthwalwayo

Njengokushiwo ngaphansi kweSigaba 2.5, Inkampani iyavuma ukuthi uhlelo lwamakhono aphahekayo lubalulekile ukuze lunike abasebenzi amakhono okuphila naphathekayo ukuze kubasize ukubhekana nezinqubo nezinqubo zomnotho-nezenhlalo uma umsebenzi wabo osemthethweni usunqanyuliwe.

I-Pietermaritzburg Quarry izokhetha abanikezeli bezinsiza abaqinisekisiwe ukuze banikeze la amakhono kubo bonke abasebenzi abakhonjwe. Amakhono aphahekayo akhonjwe esigabeni 2.5 ahlobene nebhizinisi leNkampani futhi abasebenzi abanamakhono bazokwazi ukuwasebenzisa ngenkathi besebenza e-Pietermaritzburg Quarry kanye nangemuva kokunqanyulwa kokuqashwa

ngokusemthethweni. Inzuzo yalolu hlelo wukuthi abasebenzi abanyanyulelwe umsebenzi ngaphansi kwe-Pietermaritzburg Quarry bazokwazi ukuphila izimpilo ezisebenzisekayo ngokuzuza imali emakethe yomsebenzi engakahleleki

I-Pietermaritzburg Quarry izophinde inikeze abasebenzi ithuba lokuqeqeshelwa amakhono uma sekubonakala ukuthi umsebenzi uzakuncishiswa (ngemiphumela engase ibe khona yokulahlekelwa imisebenzi) noma ngesikhathi sokuyeka kwemayini nemikhiqizo. Isinqumo sezifundo ezihlinzekwayo sizothathwa ngokubambisana nabasebenzi abahlelekile, futhi abaphathi bazobheka ne-IDP yombuso wendawo ukuze kutholakale izifundo ezifanele. Inani elibekiwe ngaphambilini ngomsebenzi ngamunye lokuqeqeshwa ekutholeni ikhono eliphathekayo lomsebenzi ngokukhetha kwakhe (ngokusho kohlu oluchaziwe) lizotholakala.

19 UMTHETHO 46 (E)

Ukuhlinzeka ngezimali zokuphumelelisa uHlelo Lwezemisebenzi
Nezenhlalo ngokwezinhlelo zokuphumelelisa uHlelo
Lokuthuthukiswa Kwezinsiza Zabantu, Izinhlelo Zokuthuthukiswa
Komnotho Wendawo kanye nezinqubo zokuphatha ukunciphisa
abasebenzi nokudilizwa kwemisebenzi



19.1 Ukuhlinzekwa kwezimali zokuqaliswa kohlelo lwezenhlalakahle nezomsebenzi

Ithebula 35 libonisa izindleko ezilinganisiwe zokungenelela kokuqeqesha e-Pietermaritzburg Quarry kanye nezindleko ezilinganisiwe zezikhundla zentuthuko ezifana neziLearnerships, imifundaze, iInservice kanye nonjiniyela abafundiswa emsebenzini.

Ithebula 35 Isabelozimali Zokuqeqeshwa Kwabantu – Pietermaritzburg Quarry

Ukungenelela	Isabelozimali Zesikhundla Samanje sika-HRD					Inani Lesabelozimali 2023 - 2027
	2023	2024	2025	2026	2027	
Ukuqeqesha	R 60,000	R 130,000	R 140,000	R 100,000	R 110,000	R 540,000.00
18.1 Izifundo (ama-intenship)	R 0	R 140,077.00	R 136,077.00	R 151,777.00	R 0	R 427,931.00
18.2 Izifundo (ama-learnership)	R 0	R 0	R 896,308.00	R 897,108.00	R 977,548.00	R 2,770,964.00
Amakhono Apathekayo	R 0	R 0	R 15,000.00	R 15,000.00	R 15,000.00	R 45,000.00
AET	R 0	R 0	R 0	R 0	R 0	R 0
Imifundaze	R 0	R 0	R 352,000.00	R 311,200.00	R 332,760.00	R 995,960.00
Usizo Lokufunda	R 0	R 10,000	R 10,000	R 15,000	R 15,000	R 50,000
I-inservice	R 0	R 0	R 400,308.00	R 419,508.00	R 0	R 819,816.00
Onjiniyela Abaqeqeshwayo	R 0	R 0	R 0	R 0	R 0	R 0
IZINDLEKO Eziqukelwe	R 60,000	R 280,077	R 1,949,693	R 1,909,593.00	R 1,450,308	R 5,649,671.00

I-5% ehlosiwe nesekelwe enanini elikhokhelwayo le-Quarry	R 669,767	R 728,701	R 772,349	R 818,108	R 866,226	R 3,855,151.00
--	-----------	-----------	-----------	-----------	-----------	----------------

Ithebula 36 Isabelomali SokuThuthukiswa Komnotho Wendawo – Pietermaritzburg Quarries

Ukungenelela	2023	2024	2025	2026	2027	Total
Imboyi Community Sport Field	R 0,00	R0,00	R 1,172,896	R 1,172,896	R 0,00	R 2,345,793
Inani	R 0,00	R 0,00	R 1,172, 896	R 1,172,896	R 0,00	R 2,345,793

12.1 Ukuhlinzekwa ngokuncishiswa kwemisebenzi

Uma kwenzeka ukuncishwa kwezisebenzi, izindleko ezilandelayo ziyakhokhwa yiNkampani:

- iholo lekhefu elilinganisiwe, ibhonasi elinganisiwe kanye nenkokhelo yokuxoshwa. (Uma isaziso sisebenza, sikhokhelwa njengenkokhelo evamile). Isikhathi sesimemezelo siyizinsuku zekhalenda ezingu-30 (amashumi amathathu) kubo bonke abasebenzi;
- isinxephezelo sokuqedwa komsebenzi esiyinyanga eyodwa kanye namaviki amabili omholo ngonyaka ngamunye wokusebenza ophelile kodwa okungenani sibe izinyanga ezintathu zomholo;
- c) izindleko zokwelulekwa ngokuncishiswa kwabasebenzi abahlehlisiwe;

Isabelozimali sika-R45,000.00 senziwe satholakala ngenhloso yokwehlisa nokunciphisa umjikelezo ka2023 kuya ku 2027.

Ithebula 37 elingezansi libonisa isabelomali sokungenelela kwezemfundo kanye nezindleko zokwehliswa nokuncishiswa.

Ithebula 37: Isabelozimali Zokuthuthukiswa Kwabasebenzi – Pietermaritzburg Quarry

Ukungenelela	Isabelozimali ka 2023	Isabelozimali ka 2024	Isabelozimali ka 2025	Isabelozimali ka 2026	Isabelozimali ka 2027	Inani Lesabelozimali
Amakhono Aphahekayo	R0	R15,000.00	R15,000.00	R0	R15,000.00	R45,000.00
Inani		R15,000.00	R15,0000.00	R0	R15,000.00	R45,000.00

20 UMTHETHO 46 (F)

Isivumelwano somnikazi welungelo lemayini ukuze kuqinisekiswa
ukuhambisana noHlelo Lwezenhlalakahle kanye Nezemisebenzi
nokwazisa abasebenzi ngakho



Mina, _____, osayine ngaphansi futhi ogunyazwe ngokufanele yi-
AfriSam (South Africa) Properties (Pty) Ltd egameni lePietermaritzburg Quarry, ngiyazibophezela
ukuthi ngizonamathela kulwazi, izidingo, izibopho kanye nemibandela njengoba ibekiwe kuHlelo
Lwezenhlalakahle Nezabasebenzi.

Isayinwe ngo _____ ngalolu _____ usuku luka _____ 2025

Isiginesha yomuntu ophethe _____

Ukuqokwa: Izinto Zokwakha Eziphezulu

Okuvunyelwe

Isayinwe ngo _____ ngalolu _____ usuku luka _____ 20 _____

Isiginesha _____

Oqokiwe _____

